# OFAKAZI

Sanibona kusihlwa, bangane. Kujabula kakhulu ukuba lapha kulobubusuku, ukukhonza iNkosi. Leli kube yiviki elikhazimulayo kithina, amaviki amabili edlule. UMfowethu Neville usanda kungiyisa ngemuva egumbini futhi ubekhuluma nami, futhi uthe kubekhona abayikhulu abathize abangaphezu kwekhulu abaphendukile, abeze eNkosini; futhi cishe imibhaphathizo engamashumi amahlanu, wabhaphathizwa emanzini. Lokho into enosizo. Akunjalo na? Siyajabula kakhulu ngalokho.

2 Siyajabula ukuba nezihambi emasangweni ethu kulobubusuku, futhi sikhulekela ukuthi uNkulunkulu anibusise ngokuchichimayo ngokweqile. Futhi sifuna ukubonga wonke umuntu ofake umzamo kulomhlangano, ukwenza okuthize enzele inkazimulo kaNkulunkulu.

Sifuna ukubonga uMfowethu uThom.

3 No—noMfowethu Tom Merrideth noDadewethu Merrideth, noMerrideth omncane lapha, bobabili, nabo bonke, ngokucula kwabo, umculo; futhi impela siyakwamukela emuva eTabernakele likaBranham nganoma yisiphi isikhathi. Bonke lowo okuzwayo lokho, yithi "amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Mfowethu Merrideth, uyazi ukuthi sizizwa kanjani. Ngisanda kuhlangana noMfowethu Merrideth, maduze nje, futhi usephenduke umngane oseduze kakhulu.

4 UMfowethu Neville ngobakhe, noMfowethu Merrideth, bobabili, ngokushumayela kwabo kobuqhawe, nokuma eduze, nakho konke abakwenzile.

5 Mfowethu Neville, siyajabula ukuba nawe njengomelusi wethu lapha, walelibandla. Sifuna wazi ukuthi uthando lwethu olujulile olwakho. Futhi ngiyamethemba uMfowethu Neville; ulandelise impilo yakhe emuva. Futhi niyasazi isisho esidala, "Ukungiphilela intshumayelo kungcono kunokungishumayeza eyodwa," iqiniso eliyinqwaba kulokho. Futhi ngakho-ke ngi—ngijabule kakhulu ukuthi uMfowethu Neville ulapha nathi, ukwengamela umsebenzi wokwelusa walezizimvu ezisanda kungeniswa esibayeni. INkosi uJesu ibusise umfowethu!

6 Futhi kumadikoni nama . . . wonke umuntu, siyakuthakasela nje.

7 SinoMfowethu Kidd, ngikholwa ukuthi kunjalo, nabaningi babanye abefundisi abehlukene, noMfowethu Hoover. Angazi noma uMfowethu Hoover ukhona yini kulobubusuku, noma qha, kodwa ubenathi futhi wabhaphathizwa kulokhu ukusa.

8 UMfowethu Beeler, umngane wethu omdala noshomi ngapha, eVangelini, uma nizongixolela ngokusho ngaleyondlela. Siyajabula ukuba naye nokubambisana kwakhe. Wehlisa i—amarekhodi emihlangano, nokunye nokunye. Futhi uzobe ekushiya yonke indawo nangaphezulu, isikhathi eside, ngiyacabanga.

9 Ngakho-ke sijabule kakhulu ngawo wonke umuntu, nge . . . wena ocule izipesheli, nakho konke. INkosi uJesu ikubusise, ngumkhuleko wami.

10 Ngithe ukukhathala kancanyana nje kulobubusuku. Angizange ngibe nokuphumula okuningi. Izolo ebusuku bekuyintshumayelo ephindeke kabili, futhi ngingene cishe, ukuyolala, cishe ngehora lokuqala nqo. Futhi ngivukile futhi kulokhu ukusa, kuse eli ngempela, futhi inkonzo yokuphuma kwelanga, bese-ke kuba nguSonto sikole. Khona-ke, ngahlala emanzini cishe amahora amabili, ngibhaphathiza.

11 Lawo manzi ayabanda. Akunjalo, bangane na? O, lawo amanzi abanda kunawo wonke engake ngawabona, engake ngawezwa, njalo. He, angikaze . . . Ngibe ndikindiki ngaze nje . . . Bengingazi noma bengenyuka noma bengehla, ngiphuma lapho.

12 Ngakho-ke angizange ngisho ngiqale ukufudumala lapho ngifika ekhaya, futhi unkosikazi uthe, "Idina sesilungile." Futhi ngivele nje ngagxumela kubhavu wamanzi ashisayo, futhi ngathi ukufudumala kancane; futhi ngagqoka izingubo zami, futhi ngaya enkonzweni yomngcwabo.

Futhi sibe nenkonzo yomngcwabo.

13 Ngithe nje ngibuyela ekhaya, bekukhona ucingo oluphuthumayo oluvela esibhedlela, ngakho-ke ngidingeke ngijike ngibuyele esibhedlela.

14 Angizange ngilithole idina, ngakho-ke nje ngi . . . UMfowethu McSpaddin, isigejane sethu, besingale futhi sibe nedina elincane, esikhashaneni nje esedlule.

15 Futhi ngibuye manje ukwenzela inkonzo yakusihlwa, nokuvalwa kwemvuselelo. Siyajabula ngempela ngalenhlanhla. Ngithe nje ukusha izwi kancanyana, ngakho-ke nizongibekezelela.

16 Ngithe, kulokhu ukusa, "Ngizokhuluma namhlanje ebusuku, ngokuthi, 'Izibonakaliso ezilandela okholwayo.'"

17 Bengingazi, ngenkathi ngingena kulokhu kusa, ngani, noma lokhu—lokhu kuhlwa, njalo, kwaze kwathi omunye wababaphatheli lapha ebandleni, wathi, "Mfowethu Bill, uyakhumbula, kulobubusuku ubusuku besidlo."

18 Ngicabangile, "O, he, nakhu lapho esikhona futhi manje!" Ngakho-ke ngabuyela phansi, ngacabanga, "Nkosi, manje ngizokhuluma ngani na?"

19 Benginomugqa wonke wemiBhalo lapha, obhalilwe, futhi bengizobhekisela kuwo wonke wayo, ngokuthi, "Izibonakaliso ezilandela okholwayo," ngakho-ke ngidingeke ngikuguqule lokho kancanyana. Ngakho-ke manje, mhlawumbe, ngakho-ke sinenkonzo yesidlo, futhi sithemba ukuthi ninathi kulomkhosi omkhulu. Isikhathi esihle kanje pho sokuthatha isidlo, emva nje ngqo kokuvuka. Futhi isikhathi esihle sokuba uMoya oNgcwele uwe, futhi, ngokuhambisanayo ngqo ezinkathini zonyaka ezifanayo manje ukuthi uMoya oNgcwele uzowela kuzo.

20 Ngakho-ke, kulobubusuku, ngiyethemba manje ukuthi angizange ngilahlekelwe yilelo thikithi. Ifilimu yokuvangela kaBilly Graham iseLouisville, futhi izobe ibonisa i-*Oil Tower of the U.S.A.*, Ngo-Apreli zingamashumi amabili, eHholo elikhulu leSikhumbuzo. Mina . . . Bangibuzile, kulobubusuku, ukuthi ngingakumemezela yini lokho, omunye wabahlanganyeli bakaBilly Graham, uzokumemezela ebandleni lami. Unginika ikhadi lakhe. Ngakho-ke ngi . . . Ngingathanda, uma ungakwazi, ukubona lokho, uma kulungile kuwe. Futhi ngikholwa ukuthi kuzoba kuhle. Ube nalefilimu muva nje, i*Mr. Texas*, futhi abaningi benu bakubonile lokho, ifilimu ekahle kakhulu, impela. Futhi angikaze ngiyibone neyodwa yawo, kodwa ngikuzwile ukuphawula okuningi ngawo. Lowo ngu-Apreli zingamashumi amabili, eHholo elikhulu leSikhumbuzo eLouisville.

21 Futhi manje, futhi, ngikholwa ukuthi kuzoba nemvuselelo eqhubekayo kuleliviki, ngale e—ehholo elikhulu, futhi. Omunye umvangeli osemusha wayengalapho eshumayela. Futhi uma useduze, futhi ungakwazi, ngiyazi bangakuthakasela. Ngiyazi kanjani . . . Ngiyanitshela, ngifisa sengathi ngabe bengingenakwenza lutho, ukusuka nje emvuselelweni eyodwa uye kwenye. Lokho ngukuthi, ngithanda ukuhambisana emlilweni nokufudumala. Anithandi na? Kuhle lokho.

22 Mfowethu Merrideth, ngabe umemezelile kubantu lapho ukusakaza kwakho kungena khona, nakho konke na? [UMfowethu uTom Merrideth uthi, "Qhabo, Mfowethu Branham."—Umhl.] Awu, ungeza lapha futhi wenze lokho khona manje na? UMfowethu Merrideth uzomemezela okwakhe . . . [UMfowethu Merrideth umemezela izikhathi zakhe zansuku zonke zohlelo lomsakazo.] Ngiyabonga, Mfowethu Tom.

23 Futhi ngabe ukhona omunye onemvuselelo ofuna ukuyimemezela, noma yikuphi okukhethekile, noma yimuphi wabefundisi na? Futhi sihlala sijabule ukwazisa abazalwane bethu nezinkonzo zabo. INkosi inibusise manje.

24 Futhi manje ningakhohlwa ukuhlala nathi, uma ningakwazi, ngokushesha ngemva kwalenkonzo, inkonzo yokukhuluma, okwe—okwesidlo nokugezana izinyawo. Bangaki abake bezwa

ngokugezana izinyawo na? Awu, lokho, usekhaya nje lapha njengoba iphakethe lisehembeni. Manje, siyakukholwa ngoba iBhayibheli, siyacabanga, liyakufundisa. Ngakho-ke si—sifisa sengathi ungahlala futhi ube nathi.

25 Ni yawakhumbula amaBaptisti emfashini endala ezansi eKentucky, ukuthi sasivamise ukuba nedina kwiphansi na? Futhi abafo abadala babesukuma futhi bacule lokho njengoba sasenza ezansi ezimpambukweni zomfudlana, (niyakhumbula na?), "Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka!" Abazalwane bonke babuyela ngaphansi kwezihlahla zomthunzi lapho, futhi babehamba bayogeza izinyawo futhi bamemeze. Lelo kwakungamaBaptisti angempela. Asixhawulananga, njengoba nenza nina maBaptisti namuhla. Sishayana emhlane aze afike. Babenokuthile ngempela. Besifanele babe namanye abaningi alawomaBaptisti, besingafanele na? Kunjalo.

26 Futhi ngakho-ke sisakugcina lapha, ukugezana izinyawo, futhi singathanda ukuba nibe nathi, uma kungenzeka, kulobubusuku. Ngakho-ke ngizozama ukuyeka, ukukhuluma nje, ngoba ngithe nje ukusha izwi kancane. Ngakho-ke, ngikhulekeleni manje.

27 Futhi manje ngifuna ukufunda okunye eTestamenteni eLisha, esahlukweni 1 se-IZenzo ZabaPhostoli. Ngicabanga ukuthi lokhu kufanele kubizwe nge IZenzo ZikaMoya ONgcwele KubaPhostoli. Kwakuyindlela uMoya oNgcwele owenza abaphostoli benze ngayo, ngemva kokuba Esefikile. Manje, evesini le 8, sifunda lokhu.

> *Kodwa nizakwamukeliswa amandla, esefikile . . . uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu: nibe ngofakazi bami . . . kokubili eJerusalema, . . . eJudiya, . . . iSamariya, kuze kube sekugcineni* izingxenye *zomhlaba.*

28 Futhi manje, okwemizuzwana embalwa nje, ngifuna ukusebenzisa indaba ethi: *Ofakazi.*

29 Futhi manje singakhothamisa amakhanda ethu, okulandelayo nje, okomzuzwana womkhuleko, uma nithanda.

30 Angazi uma udadewethu engasinika indlela encane yelithi, *Hlala Nami,* okuthize ngalolohlelo, dadewethu, uma uthanda.

31 Manje, wonke umuntu phakathi lapha unesidingo manje. Ubungavele ukwazise kuNkulunkulu, ngesandla sakho esiphakanyisiweyo na? Khombisa nje kuNkulunkulu, "Ngi—nginesidingo, Nkosi." Ngiphakamise esami, futhi. Kwangathi Angabusisa ngamunye wenu, futhi aniphe isifiso senhliziyo yenu. Ngenkathi wonke umuntu, ngendlela yakhe uqobo manje, indlela nje okhuleka ngayo ebandleni, yileyondlela engifuna ukhuleke ngayo.

32 Baba wethu waseZulwini, siza kuWe ekuvaleni kolunye usuku. Ilanga elihle ebeliphuma kulokhu

ukusa, manje selishonile futhi selishone phansi, namafu alo amnyama asibekele isibhakabhaka. SiyaKubonga ngosuku nangezinkumbulo esibenazo zalolosuku olukhulu lwesikhumbuzo lapho uJesu, iNkosi, wavuka kwabafileyo.

33 Qiniso, njengoba imvelo injalo, nakho-ke kuzoba maduze, isikhathi sokushona kwelanga siyehla. Ngeke kube kade kuze kube mnyama konke. Abaningi bazoshiywa lapha ukuba bahambe bedlule kuleyonkathi yesikhathi, kanjani ukulamba nokomela imvuselelo eyimfashini endala njengoba nje sekuvaliwe.

34 Nkulunkulu, ngikhulekela lowo wesifazane osemusha laphaya esibhedlela khona manje, ubekuleyongozi, usevele uqhumise elilodwa lamaphaphu akhe; futhi yadabula umyeni wakhe; ebondiwe, efihliziwe; inhliziyo yakhe yashayeka ngale kolunye uhlangothi, akunakwenzeka ngokuphelele ngodokotela. Angeke Ubenomusa nje manje na?

35 Khumbula, Nkosi, ukuthi uMnu. Pritchard ulele lapho, ebefuzela, efa. Ngokubefuzela kokuphefumula, ngenkathi befinyelela ethendeni lomoya-mpilo, wemukela uKristu njengoMsindisi wakhe oqondene naye.

36 Ezansi ekhaya labangcwabi, namhlanje, ngenkathi besaguqe lapho egumbini, lowo wesifazane omdala, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nento ubudala, wathi wayengakaze amemukele uKristu njengoMsindisi oqondene naye. Futhi lapho ekhaya labangcwabi, emngcwabeni womzukulu wakhe, wemukela uKristu njengoMsindisi wakhe oqondene naye. Sengathi uNkulunkulu angaba naye!

37 Busisa bonke labo lapha eTabernakele, Nkosi, kulamaviki amabili, abeza eL-. . .Wena. Yiba nabo. Busisa labo ababhaphathiziwe namhlanje ekuseni. Kwangathi bangakhula emseni nasekwazini iNkosi, baze bafinyelele emumweni ophelele kaJesu Kristu, khona-ke ngeliny’ilanga bayohlwithwa kanye naYe efwini, ukuMhlangabeza emoyeni, futhi babe neNkosi kuze kube phakade.

38 Busisa bonke abalapha, kulobubusuku, Nkosi. Futhi uma ekhona phakathi lapha ongakakwemukeli Wena njengoMsindisi wabo, kwangathi leli kungaba yihora lesinqumo sabo. Kwangathi bangeza bethandeka, ngokuzithoba, futhi baMemukele njengoMsindisi wabo oqondene nabo. Siphe khona, Nkosi.

39 Futhi manje, njengeyaKho empofu, engafanele, inceku engasizi-ngalutho, kubonakala sengathi kuwela endaweni yami ukuhlephula iSinkwa sokuPhila, kubantu futhi kulobubusuku. Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzosiza, kulobubusuku. Kwangathi uMoya oNgcwele, umuntu wesithathu kaziqu-zintathu, angafika, athathe iZwi likaNkulunkulu, futhi aLibeke kuyo yonke izinhliziyo, njengoba nje inesidingo salo. Khona-ke

kwangathi Kunganiselwa ngokukholwa, futhi kuveze inala yesithelo. Siphe khona, Nkosi.

40 SiyaKuthanda, futhi siyaKukholwa futhi siyaKukhonza. Manje yemukela ukubonga kwethu, ngokuba sikucela eGameni leNkosi uJesu, iNdodana yaKho ethandekayo. Amen.

41 Siyaqala, kulobubusuku, kulokhu okuncane, ukutadisha okufushane kweZwi likaNkulunkulu. Futhi ngenkathi ngifisa ukuba lonke ikholwa libe semkhulekweni, umkhuleko ojulile, ngami manje. Akekho umuntu ongavula leliZwi likaNkulunkulu. Singaphenya amakhasi, kodwa, ukuLivula, kuthatha uMoya oNgcwele. Umuntu angeke akwenze lokho. Lokho akusikho ukwazi ukukwenza kwethu. UJohane wabona iBhayibheli lilele eZulwini, wayesethi, "Kwakungekho muntu eZulwini, nasemhlabeni, noma ngaphansi komhlaba, owayefanele ngisho ukuthatha iNcwadi, ukuba aYivule, noma aqaqe iziMpawu." Futhi khona-ke ubone, "IWundlu, sengathi Lalihlatshiwe kusukela ekusekelweni kwezwe, Wafika futhi wayithatha iNcwadi esandleni sokunene saLowo ohlezi esiHlalweni sobukhosi, wavula iziMpawu, futhi wayithukulula iNcwadi futhi waYivulela abantu." Futhi kwangathi Angeza, kulobubusuku, futhi enze kanjalo.

42 UJesu lapha wayeqoka abaphostoli baKhe, okwesidingakalo sikaMoya oNgcwele, ngaphambi kokuba bahambe babe ngofakazi. Futhi indaba yami kulobubusuku ingukuthi, *"ufakazi."*

43 Manje, ezinkantolo, ufakazi ufanele azi okuthile. Noma ubani nje angeke angene futhi abe ufakazi. Kufanele kube umuntu othile owazi okuthile. Futhi kungaleyondlela lapho sifakaza ngeNkosi. Kuthatha umuntu othize owazi okuthile.

44 Ngakho-ke uJesu wacabanga, washo lokhu, ukuthi ngaphambi kokuba babe ngofakazi baKhe, "Babedingeka balinde eJerusalema baze bembathiswe aMandla avela Phezulu," khona-ke babengaba ngofakazi, emhlabeni jikelele; eJerusalema, eJudiya, eSamariya, kuze kube semikhawulweni yomhlaba.

45 Ezinkantolo, kunezinhlobo ezimbili zofakazi ezizoma, okungukuthi, iso noma indlebe. Manje, uma uhlezi egumbini futhi ubuka engilazini, futhi ubone ingozi, ubufakazi bakho, izwi lakho alilungile, ngokuba ubukade ubuka engilazini. Ufanele ube khona lapho, usondele, ukuze wazi ngempela ukuthi ukhuluma ngani, ngaphambi kokuba ube ngufakazi. Ufanele ukuzwe, noma ufanele ukubone, ngaphambi kokuba ube ngufakazi ecaleni elinzima ezinkantolo.

46 Angeke uthi, "UNkosazana *S'bani-bani* wangitshela, noma uMnu. *S'bani-bani*, noma uMfu. *S'bani-bani* wangitshela." Yena ungufakazi, kodwa wena awuyena.

47 Ngakho-ke, ngakho-ke, akekho umuntu ongafakaza ncamashi ngokuvuka kukaKristu, kuphela ngoMoya oNgcwele. Ufanele ube ufakazi oqondene siqu, qobo lwakho; ngokuba lapho, wazi okuthile ngakho, ukwazi okhuluma ngakho.

48 Futhi uNkulunkulu asisize ukuba sibone usuku lapho abantu beyoba yilokho abayikho. Niyazi, ngi. . .ngisho lokhu manje ngazo zonke izinhlonipho. Akusilo idolobha lethu, eligcwele amajoyinti otshwala obungekho emthethweni, okusilimazayo. Nakhu okusilimazayo, kunaninini, ngabantu abazisho ukuthi bangamaKristu futhi bangaphili njengakho. Yileyonto, niyabo. Abayena ufakazi olungile.

49 Abakwazi ukufakaza baze babenesipiliyoni. Futhi uma benesipiliyoni, khona-ke baba ufakazi, ngokuzenzakalelayo, ngoba bazalwa ngokusha. "Futhi konke okwezinto zezwe, izinto ezindala, sezedlulile, futhi zonke izinto sezibe zintsha." Khona-ke uba ngufakazi kuJesu.

50 UJesu wayazi, ngaphambi kokuba lababaphostoli bake baphume futhi babe ofakazi abalungile, ukuthi babefanele bekuzwe lokho ababefakaza ngakho. Bekungeke yini lokho kube kuhle, namhlanje, uma lonke ikholiji lezenkolo lenza into efanayo, ukuba wonke umKristu enza into efanayo na? Ubungavele ufike ebandleni futhi uthi, "Manje ngemukela uJesu njengoMsindisi oqondene nami. Ngizohlala khona lapha ngize ngithole umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi khona-ke ngiyaphuma ukuba ngibe ufakazi." Niyabo? Izinto bezizohluka. Anicabangi kanjalo na? Besingeke sibe nalobo obuxegayo, ubufakazi obuhlakazekile.

51 Abantu bayafakaza futhi bathi bangamaKristu, futhi baphume baphile ezinye izimpilo. Futhi ongakholwayo uyangena futhi ubona lokho, uthi, "Awu, bheka lapho! Ngabe yiyona ndlela bona. . ." Futhi udeveli uyohlala ebakhomba ngaphandle, naye. Ungancika nje kulokho. Ungusomabhizinisi. Futhi ungalibukeli phansi ikhono lakhe namazinga akhe ebhizinisi, ngoba uyazi ukuthi kumayelana nani konke.

52 Manje, ngaphambi kokuba ube ngufakazi, njengoba ngishilo, ufanele wazi okuthize. Ufanele ube ngufakazi ngempela.

53 UNkulunkulu wayenofakazi eTestamenteni eLidala. Elinye le. . .Omunye wofakazi baKhe bokuqala kwakunguNowa. UNowa wayengufakazi ngoba wayezwe iphimbo likaNkulunkulu, ekuxwayiseni, ukuthi, emtshela ukuthi kwakuzofika uzamcolo, nokuthi ufanele akhe umkhumbi. Futhi ukulungiselela lomkhumbi kwakungukulungiselela kanye, futhi wayezolungiselela indawo yokusindisa abantu. Bonke ababezongena, babengangena. Futhi wayengufakazi kaNkulunkulu.

54 Manje, into kuphela ayeyazi, uNkulunkulu ayemtshele yona, ukuthi lalizokuna. Nakuba lalingakaze line emhlabeni, kodwa uNkulunkulu wathi lalizokuna. Ngakho-ke uma uNkulunkulu athi lalizokuna, khona-ke lokho kwakusho ukuthi lalizokuna. Ngakho-ke wayengufakazi weZwi likaNkulunkulu. Futhi ngakho-ke wabizwa, futhi waphuma futhi walungiselela umkhumbi futhi walungiselela izinto, enzela imvula, ngaphambi kokuba imvula ize iqale ukuna. Khona-ke, kukhona omunye ufakazi kaNkulunkulu.

55 Kwakukhona abanye abantu ngesinye isikhathi, amaJuda; esizweni sakwaJuda, lapho abathola khona igama labo. Ngoba abazange bahambe ngezimiso zikaNkulunkulu, babengenakuyigcina imiyalo yaKhe, UNkulunkulu wabiza iNkosi uNebukadinesari ukuba ingene futhi ibathumbe, ezansi bangene ezweni laseBabiloni. Abaningi bethu bayayikhumbula indaba endala edumile yokuthi bawaphanyeka kanjani amahabhu abo esihlahleni somyezane esikhalayo, futhi babengenakucula amaculo aseSiyoni. Konke ukunqoba kwabo kwalahleka, hhayi ngenxa yokuthi uNkulunkulu wayefuna ukukususa kubo, kodwa ngenxa yesono sabo, wabahlukanisa basuka kuNkulunkulu.

56 Yingalesosizathu, kulobubusuku, ukuthi amaKristu amaningi awanakho ukunqoba, yingenxa yokuthi izono zabo zibahlukanisile esibusisweni; zabanquma, phandle endaweni eyihlane, bodwa. Futhi izinhliziyo zethu zilenga esihlahleni somnyezane esikhalayo, ngoba angeke siwajabulele amaculo ebandla.

57 Ngiyakhumbula kudala, lapho sasivame ukungena lapha. Babedlala elithi *Phansi Esiphambanweni,* opiyaneni, ngenkathi insimbi yayikhaliswa ithi nqe, futhi bengena. Bekungeke kube neso elomile ebandleni, wonke umuntu ekhala izinyembezi, kancane, ezothile. Ngiyayithanda nje indlela eyimfashini endala; azothile, amnandi, aMandla kaMoya oNgcwele, ehlakazeka. Ngaphambi kokuba senze noma iyiphi inqubekela phambili, sifanele sithole ukubhidlika, kuqala. Niyazi, njengombumbi, umprofethi wayehlela endlini yoMbumbi, ukuba abhidlike, ukuba aphinde abunjwe futhi. Futhi niyazi, uma kungekho ukubhidlika, akukho ukuphinda wenziwe futhi. Ufanele ubhidlike kuqala.

58 Futhi kanjani lokho, njengomhlabathi nje, uma uzoba nesitshalo, Mfowethu Wright, ufanele ubhidlize umhlabathi wakho, kuqala, uwudabule ube yizicucu. Bese-ke utshala imbewu yakho, futhi izomila. Kuya ngokuthi hlobo luni lwembewu olutshalayo, khona-ke, ngenkathi lusabhidlikile. Ngakho khona-ke ngenkathi izitshalo si . . . umhlabathi wonke ubhidlikile, sekuyisikhathi sokutshala imbewu.

59 Khona-ke, lababazalwane owayesehambile wasuka ezweni lesethembiso, behlela eBabiloni, basuswa, ngoba izono zabo zazibahlukanisile noNkulunkulu.

60 Futhi ngiyimfashini endala ngokwanele ukuba ngikholwe, kulobubusuku, lokhu, ukuthi uma ibandla noma yimuphi umuntu ngamunye eqala ukudlala nokuqomisana nezwe, uzoba nesehlakalo esifanayo; ukuqhela kuNkulunkulu, ukuqhela eQinisweni. Futhi ngiyakukholwa. Ngi—ngiyazi ukuthi kuyiqiniso.

61 Sengibe senkonzweni manje, iminyaka engamashumi amabili, futhi ngibone zonke izinhlobo nezinhlobo ezahlukahlukene nezinhlobo emhlabeni jikelele. Kodwa ngiyanitshela, bangane, ningahle nibukelwe phansi, kodwa ngiyawuthanda oyimfashini endlala, umhlangano obhidlikile.

62 Omunye uyafika, ngeliny'ilanga, futhi wathi, ngenkathi ngisashumayela lapha, wathi, "Ngabe lowo wesifazane . . . Billy, ubungashumayela kanjani, nalowo wesifazane ehlezi emuva lapho ebheke phezulu, ekhala, empongoloza 'Amen'?"

63 Ngathi, "Mhlawumbe lokho kwakuyisizathu sonke sokuba kade ngishumayela. Kulungile. Ya." Ngathi, "Uma yena owesifazane . . . "

64 Wathi, "Awu, lokho kungacishe kungibulale, uma—uma bengizama ukukhuluma, futhi omunye umuntu eqhubeka kanjalo."

Ngathi, "Akuzange kungilimaze, mfowethu. Bekungikhuthaza."

Yena—yena wathi, "Ngabe ubeyisoni esibi, noma okuthize na?"

Ngathi, "Qhabo. UbengumKristu, ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele."

"Futhi ekhala izinyembezi na?"

65 Ngathi, "Yebo. IBhayibheli lathi, 'Ohambayo, ekhala, ngokungabaza uyakubuya futhi, ephethe izinyanda zakhe eziligugu.'"

66 Amen. Kunjalo. "Ohambayo, ehlwanyela," niyabona, "futhi—futhi av- . . . ehlwanyela ngezinyembezi, ngokungabaza uyabuya futhi, ephethe izinyanda zakhe ezilugugu, ethokoza lapho ebuya." Bekani izinto zokuqala kuqala, ubhidliza, uphinde ukwenze; bese-ke uza uthokoza. Amen. Kulungile.

67 Lababantwana bakwa-Israyeli behlela ezansi lapho, babengaphansi kwenye inkosi. Hhayi . . . Inkosi yabo uqobo yayisusiwe kanye nabo. Beza ngaphansi kwenye inkosi, inkosi enonya, iNkosi uNebukadinesari. Ngakho-ke ngeliny'ilanga, washo, ukuthi, "Uma noma yibaphi abantu . . . " Lapho enzile, wamisa isithombe esikhulu emasimini, futhi washo, ukuthi,

"Wonke umuntu owayengeke asikhothamele lesosithombe, ufanele aphonswe esithandweni somlilo futhi ashiswe." Uku—ukuvumelana okunje pho okwenziwa, ukuthi lababafana bafanele bashiswe, bonke!

68 Futhi kwakukhona abathathu ezansi lapho ababenempendulo yangaphambilini emkhulekweni, ababethiwa uShadiraki, uMeshaki, no-Abedinego. Bafulathela isithombe. Futhi bathi, "Makwazeke kuwe, O nkosi . . . "

69 Ngifuna nina niqaphele lokhu. UNkulunkulu ufuna ofakazi baKhe ukuba baqine; hhayi ufakazi namuhla, futhi intengentenge kusasa.

70 Bengishumayela inkonzo yomngcwabo namuhla, futhi ngiyisika ngokuqinile; othile ungicelile ukuba, wathi, "Ngicabanga ukuthi iningi labantu bebeyizoni, abakaze bemukele uKristu." Ngicabanga ukuthi mhlawumbe ngiye ngasika ngokuqinile kakhudlwana.

71 Futhi ngenkathi ngiphuma, e—emotweni yomngcwabi, ufinyelele ngapha futhi wangimbambatha ehlombe, wathi, "Mshumayeli, ngifuna ukuphawula ngawe."

Ngicabangile, "E-o."

72 Uthe, "Yileyondlela engicabanga ukuthi kufanele kushunyayelwe ngayo." Uthe, "Angiyithandi inkolo eyintengentenge."

73 Ngicabangile, "Mfana, kukhona amathemba ngawe." Kunjalo. Kunjalo, lapho ubeka khona ngempela lapho kungokwakhona. Kunjalo impela.

74 Khona-ke lababantwana bakwa-Israyeli, laba, oShadiraki noMeshaki no-Abedinego, ofakazi bakaNkulunkulu.

75 UNkulunkulu akakaze angabi naye ufakazi. Ubehlale njalo . . . Manje lapha ngifuna nikuthole ngokusondele ngempela lokhu. UNkulunkulu akakaze, noma nini, angabi naye ufakazi emhlabeni. Ubehlale enendoda okungenani eyodwa Angabeka izandla zaKhe kuyo, athi, "Lowo ngufakazi wami." Kwehlele kumuntu oyedwa, ngesinye isikhathi; noJobe wayengufakazi kuphela waKhe; no-Abrahama e—ezweni; kodwa uNkulunkulu wayenofakazi. Umuntu othile uzofakaza ngoNkulunkulu ndawana thize.

76 Manje, emva kwesikhashana, sifuna ukuthola ukuthi ufakazi uyini ngempela, walolusuku. Kulungile. Qaphelani.

77 Lamadoda, njengoba ehlela lapho, enqaba ukudla ukudla kwenkosi, ukuphuza iwayini layo, futhi enqaba ukukhothamela isithombe sayo. Ayengowoqobo, ufakazi weqiniso kaNkulunkulu.

78 Khona-ke kukhona ngezinye izikhathi inhlawulo ehamba nofakazi. Ngezinye izikhathi, uma ufakaza ngoNkulunkulu, ufanele uhlupheke kancanyana.

79 Uyakhumbula ngenkathi umama ekutshela ukuthi wawungeke uhlale ekhaya, inqobo nje uma ufunda iBhayibheli futhi uqhubeke na? Noma, abanye bomakhelwane basho, noma abantwana basho, esikoleni, "Ubuluhlanya," noma okuthize, ngoba ubungufakazi weqiniso na? Khumbula, emsebenzini, ukuthi bonke abantu bakuhleka kanjani wena ngoba ubungufakazi wangempela na? Niyabo? Ukuthi kwahlekiswa ngawe kanjani ezitaladini, ngenkathi unikeza ubufakazi na? Kodwa lokho isibonakaliso sangempela, ufakazi wangempela. UNkulunkulu ufuna ofakazi.

Manje abanye abantu bathi, "Ngiyafakaza ebandleni." Kuhle lokho.

80 Kodwa, mfowethu, makukhanye ukuKhanya kwakho ezindaweni ezimnyama, lapho okudingeka khona ngempela, phandle ezintangweni nasemigwaqeni ephakeme, emabhareni, phandle, ezansi esitaladini. Nomaphi lapho ukhona, ukuKhanya kwakho makukhanye njengofakazi. Amen.

Qaphelani, khona-ke icala lomlilo liyafika.

81 Futhi wonke umuntu ozofakazela uNkulunkulu uzofanele edlule ezilingweni zomlilo. Akuxakile yini ukuthi uNkulunkulu ubahola kanjani abantu baKhe na? Kuyaxaka kakhulu.

82 Masinyane nje lapho uJesu esebhaphathiziwe, Waya ehlane, ukuba alingwe ngudeveli.

83 Masinyane nje lapho u-Israyeli ephuma, ngaphansi kwegazi, esokiwe, uMoya oNgcwele ubahola ngendlela yo—yokuKhanya, ngqo phezulu koLwandle oluBomvu. Futhi lapho, evalelwe ekhoneni, izintaba ngakolunye uhlangothi, ugwadule ngakolunye; impi kaFaro iza, noLwandle oluBomvu lubanqamula. UNkulunkulu wabaholela ngqo phezulu kuleyondawo. Ngani na? Ukuthola inkazimulo. Khona-ke uMose wakhuleka; futhi uNkulunkulu wamtshela ukuba ehlele ngqo ezansi ngasoLwandle oluBomvu, ebambe induku yakhe wayikhipha phambi kwakhe. Futhi lapho ehamba, uLwandle oluBomvu lwasuka ohlangothini olulodwa lwaya kolunye, lwanqamula ngqo uLwandle oluBomvu. Ngani na? Indlela kaNkulunkulu yabahola bedlula.

84 Ngokushesha nje lapho bephuma lapho, bangena ngqo eHlane leSono. Kuyaxaka. Indlela kaNkulunkulu yahola kwedlula kulokho kulingwa okukhulu lapho, lapho bekhononda ngoNkulunkulu. Basuka lapho, baqhubeka, besuka ekukhonondeni okukodwa kuya kokunye, besuka ekuvivinyweni okukodwa beya kokunye.

85 Njengoba iculo elidala lithi, "Abanye bedlula emanzini, abanye bedlula kuzamcolo, abanye bedlula ezivivinyweni ezijulile, kodwa bonke bedlula eGazini." Leyo yindlela kaNkulunkulu yokuhola, ehola ubufakazi baKhe, ofakazi baKhe.

86 Manje, lapho kufika isikhathi, ukuhlolwa, komlilo. uShadiraki, uMeshaki, no-Abedinego, bathi, "UNkulunkulu wethu unamandla okusikhulula esithandweni somlilo; kodwa noma kunjalo, uma engakwenzi, asikhothami, sizofa singofakazi bangempela."

87 Ngiyakuthanda lokho. Ngiyasithanda lesosibindi esidala. NjengoBuddy Robinson omdala, wathi, "Nkosi ngiphe umgogodla njengesaha lezingodo." Lolo uhlobo lobufakazi ukuba yilo. Isibindi! UNkulunkulu uthanda ukuba sibe nesibindi.

88 Watshela uJoshuwa, ngaphambi kokuba awelele ngapхesheya, wathi, "Yiba nesibindi kakhulu, ngokuba iNkosi uNkulunkulu wakho unawe nomaphi lapho uya khona."

89 Wena uthi, "Awu, uma uNkulunkulu ubengangitshela njengoba Enza kuJoshuwa, bengingaba nesibindi, nami."

90 Utshele lonke ikholwa into efanayo. "Ngizoba nani, njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe. Angisoze nganishiya noma nginilahle." Isibindi! Asihambe sithathe isithembiso, khona-ke. UNkulunkulu usinike isithembiso. Ake sibe ufakazi wangempela.

91 Ngakho-ke bashisa isithando, ngokushisa okuphindwe kasikhombisa kunokuba sake sashisa ngaphambili.

92 Yileyondlela udeveli akwenza ngayo. Futhi, mfowethu, akenzi lutho uhhafu. Uphusha yonke into anayo, kungene kuwe ngqo. Kodwa, makabongwe uNkulunkulu, uNkulunkulu unophushela emuva okuthize Akwenzayo Yena uqobo. Kunjalo. Kulungile. Mbukeni. Ngakho-ke wathi . . .

93 Manje qaphelani. Sengiyayibona iNkosi uNebukadinesari izihlalisa ngasohlangothini lwesithando esikhulu, nentuthu, izibhakabhaka zazibomvu.

94 Ngiyacabanga, ubusuku bonke obude kwakunomhlangano womkhuleko oqhubekayo. Niyazi, uma uza esivivinyweni . . .

95 Nakhu-ke. Leyo yinkathazo ngebandla namuhla; uncika emizweni yakho nasemakhonweni akho, esikhundleni sokuyisa eNkosini ngomkhuleko. Kunjalo. Namuhla siqala ukuthumela umuntu othile endaweni ethile, awu, wena uthi, sehlela phansi futhi sibe neseluleko esincane, futhi sihlangane bese sithi, "Sifanele senze *lokhu*, noma siye *lapha*, noma senze *lokho*."

96 Kodwa iBhayibheli, ezinsukwini ngaphambi kokuba bathumele abaphostoli, bahlangana ndawonye bazila ukudla futhi bakhuleka. Futhi uMoya oNgcwele wathi, "Ngahlukaniseleni uPawulu noBarnaba." UMoya oNgcwele! Niyaqaphela, hhayi umbono womuntu; kodwa uMoya oNgcwele ehola, eqondisa. Amen. Qaphelani.

97 Manje, umhlangano womkhuleko, ubusuku bonke, ngakho-ke babefanele babonise ukuthi babenziwe ngani. Futhi,

mfowethu, wonke umuntu ozisho ukuthi ungumKristu, ngesinye isikhathi noma okunye ufanele ukhombise ukuthi wenziwe ngani. Udeveli uzobiza isandla sakho.

98 Ngenkathi uTommy Osborn omncane, abaningi benu bayamazi, efika ngapha, ngangihlezi egosini. Wathi, "Mfowethu Branham, ngi . . . " wathi, "Ngangisemhlanganweni. Ngilubonile lolohlanya luwa lunqamula ezinyaweni zakho." Wathi, "Ngenzenjani na?"

99 Ngathi, "Manje, Tommy, ungasho lutho ongeke ulwesekele. Udeveli uzobiza isandla sakho kukho. Yebo, uzokwenza, futhi uzokwenza ngaso lesosikhathi." Ngathi, "Khona-ke uma ungeke ukwesekele, uyazi ukuthi yini ezayo. Kuyoba yihlazo. Ngakho-ke qiniseka ukuthi uqinisile, ngaphambi kokwenza isitatimende sakho."

100 Futhi kunjalo, futhi, mKristu. Qiniseka ukuthi, phansi enhliziyweni yakho, uNkulunkulu ukwehlukanisile nezinto zezwe futhi wakwenza isidalwa esisha, khona-ke hamba utshele abantu ukuthi ungumKristu. Kuze kwenzeke lokho, hlala ngqo e-altare futhi ufe uze ube ngofile njengoba ungabanjalo. Kulungile. Yifa kuze ukuba ufe kakhulu uze ungakwazi ngisho . . . Awu, kunjalo, ufile!

Niyazi, ngiyacabanga, namuhla, singcwaba abantu abaningi kakhulu abaphilayo.

101 Ungcwaba abantu ngemva kokuba sebefile. Ngabe kunjalo na? Yebo, mnumzane. Lalela, mfowethu, umuntu ofile angeke aphikisane nawe. Ungasho noma yini kuye oyifunayo, umbize ngazo zonke izinhlobo zamagama, angeke asho igama. Ngani na? Ufile.

102 Futhi umuntu ofile kuKristu, ungamnika isiphuzo, ungamnika *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, kodwa ufile. Futhi ufihlwe kuKristu, ngoNkulunkulu, wabekwa uphawu ngoMoya oNgcwele. Amen. Yilokho-ke. Manje, khona-ke, angeke azenze lezozinto, ngoba a—angeke nje akwenze. Kuphambene nemvelo yakhe. Uba yisidalwa esisha.

103 Thatha ingulube endala futhi uyigeze, futhi uyikhuhle, futhi ugcobe izinzipho zozwane lwayo, futhi uyinike okokugcoba umlomo, futhi uyifake, onke amanayiloni owafunayo; uyidedele, izohamba iye ngqo ekuzibhixeni futhi izibhixe. Ukukhuhla akusizi ngalutho. Isenayo imvelo yengulube.

104 Bese kuthi-ke uthathe iwundlu futhi ulifake emgodini wodaka, liyonswininiza uze uliyikhiphe. Ngani na? Liyimvelo yewundlu.

105 Manje, indlela kuphela yokukhipha ingulube odakeni ukuguqula imvelo yayo. Kunjalo.

106 Yileyondlela kuphela yokwenza umKristu. Imvelo yakhe mayiguqulwe, isuke ekubeni yisoni iye ekubeni ngcwele. Niyabo?

Futhi linye kuphela ikhambi, lowo nguMoya oNgcwele. Khona-ke ungufakazi. Amen.

107 Manje qaphelani. Ngifuna nithole lokhu, ngokusondele. INkosi uNebukadinesari wenza i—isimemezelo sokuthi lababantu bafanele bashiswe. Futhi ngalokho kusa bayafika, babopha izandla zabo. Lapho kwahamba ipulangwe phezulu lapho, umgwaqo okhuphukela phezulu esiqongweni sesithando somlilo, isithando esikhulu, sivuliwe. Bebehlela phansi beyongena esithandweni. Futhi baqala imashi yokufa. Wathi, "Manje bukani, usunethuba manje. Uma ufuna ukwehlisa, kulungile."

108 Bathi, "UNkulunkulu wethu uyakwazi ukusikhulula, kodwa asihlehli." Babengabangempela, ofakazi beqiniso, kuze kube sekugcineni.

109 Baqala benyuka ngendlela yezinyawo, benyuka, amasosha ebamashisa. Ukushisa okunamandla amakhulu kwaya ngokuba kubi kakhulu kwaze kwacishe kwaminyanisa amasosha. Kwase kuthi-ke lapho eselungiselela ukubaphushela esithandweni somlilo, ngiyamuzwa uShadiraki ethi, "Awusho, uqinisekile ukuthi ukhulekisisile na?"

"Yebo. Ngikholwa ukuthi konke kulungile manje." Kulungile.

110 Kwase kuthi-ke ngisho amasosha labulawa, labo ababangenisa phakathi. Futhi abaphusha. Izinyathelo ezimbalwa nje, futhi babeyobaphushela esithandweni somlilo.

111 Manje, ngaso sonke isikhathi kukhona okwenzekayo emhlabeni, kukhona okwenzekayo eZulwini, futhi. Nginesithombe esibi lapha, ngaphansi kokucatshangelwa manje, sekholwa liya ekufeni kwalo. Kodwa asiphendule ikhamera yethu, kulobubusuku, ngaseZulwini. Futhi ngenkathi izinto zisaqhubeka phansi lapha, kukhona okwenzekayo phezulu Lapho. Ngiyambona uNkulunkulu, iNdodana kaNkulunkulu ihlezi ngakwesokunene, ibheke phansi.

112 Ngiyayizwa iNgelosi ifika futhi ithi, "Nkosi, nginguGabriyeli," nenkemba yayo enkulu esandleni sayo, ithi, "manje, mina, kusukela osukwini Owangidala ngalo, ngime ngasohlangothini lwaKho lwesokudla. Ngenze nje lokho Ongitshele ukuba ngikwenze. Ingabe Ubukile phansi kulabofakazi, kulokhu ukusa na? Balungiselela ukushisa ofakazi abathathu."

NgiyaMuzwa ethi, "Ngibabhekile ubusuku bonke."

113 "Mangehle." Wathi, "Ngizokususa . . . Ngizoguqula isithombe." Ngikholwa ukuthi ubengakwenza.

114 Kodwa Wathi, "Gabriyeli, buyisela inkemba yakho emgodleni wayo. Angeke ngikuvumele uhambe."

115 Khona-ke ngibuka oza lapha, ngakwesokhohlo saKhe, nakhu kuza enkulu, iNgelosi enamandla egama linguMhlonyane. Inokulawula kwamanzi. Futhi iwela phambi kwaKhe, izilalisa phansi, futhi ithi, "Nkosi, Uke wabuka phansi kulabofakazi na? Ngani balungiselela ukubashisa kulokhu ukusa, ngoba bafakaza kuNkulunkulu."

Wathi, "Yebo, Ngibabukile."

116 "Mangehle. Ngizolikhukhula iBabiloni lisuke ebusweni bomhlaba." Ngikholwa ukuthi ubengakwenza. Wathi, "Wanginika izikhiye. Futhi ngesikhathi senguqu-. . . noma umhlaba wangaphambi kwezwe elabhujiswa ngamanzi, futhi ngikhukhule yonke into, futhi ngaKukhukhulela lona. Ngizokwenza into efanayo, kulokhu ukusa, uma nje Uzo—zonginika nje umoya."

117 NgiyaMuzwa ethi, "Yebo, Mhlonyane, kunjalo, ungakwenza. Ngi—Ngiyazi ungakwenza, kodwa Angeke ngikuvumele ukuthi uhambe."

"Ngani, Nkosi na?"

118 "Yima ngapha ohlangothini lwaMi lwesobunxele, ngoba Angeke ngikuvumele uhambe. Ngiyahamba, Mina uqobo. Ngibabhekile, ubusuku bonke. Ngiyababheka ofakazi baMi. Ngiyalibheka eZwini laMi, futhi, ukuLenza. Angeke nje ngikuvumele uhambe. Ngoba, Ngiyahamba, qobo lwaMi."

119 Sebecishe babe isinyathelo esisodwa manje, ukuba behlele esithandweni somlilo.

120 Akuxakile na? UNkulunkulu uvumela ukuthi uze ufike esinyathelweni sokugcina somgwaqo. Kubonakala sengathi Akanandaba; Wavele wahlala. Kodwa Ukubhekile. Ngicabanga ngenkathi Ebuka phansi eBabiloni. "Iso lakhe likumzwilili, futhi ngiyazi Uyangibheka." Uyakubheka. Qaphelani.

121 Khona-ke ngiyaMbona lapho Ephakama esuka esiHlalweni saKhe esikhulu sobukhosi. Izingubo zaKhe zobupristi ziqathaka ngakuYe. Futhi Wabuka phandle lapho, futhi ifu elikhulukazi lokuduma lalihlezi emuva ohlangothini olusenyakatho. NgiyaMuzwa ethi, "Woza lapha, moya wasempumalanga, moya wasentshonalanga, nyakatho, neningizimu. Ngifuna ukukushayela, kulokhu ukusa." Bangena ngaphansi kwalelofu lokuduma futhi lagingqika eduze kwe—kwesiHlalo sobukhosi. Futhi Wehlela kulelifu lokuduma elikhulu, wafinyelela phezulu futhi wabambelela embanini omazombezombe futhi wawuqhekeza wadabula ezibhakabhakeni, ka*njalo*.

122 Futhi cishe okokuqala abenza lesosinyathelo sokugcina, ukuba bangene lapho. Uyehla ngoMuthi wokuPhila, noma uMfudlana wokuPhila, futhi wakha isundu elikhulu ukuze aphephethe. Futhi ngenkathi beshaya lesosithando somlilo, kwakukhona Oyedwa onjengeNdodana kaNkulunkulu emi

phakathi kwabo; ephebeza yonke imimoya evuthayo, isuke kubo, futhi njengoba bevutha isikhathi eside. Abangempela, ofakazi beqiniso!

UNkulunkulu uzoma ngakufakazi wangempela. Kunjalo.

123 Khona-ke, qaphelani, ngenkathi konke ukushisa kwakubasiwe, nomlilo wawuvutha, leyonhliziyo yenkosi yaba nokukhathazeka. Yathi, "Hambani, nivule isithando somlilo, mhlawumbe, futhi nibone ukuthi awukho yini umlotha osele." Futhi lapho bedluthula bevula isicabha, yagxuma, yathi, "Bangaki enibafake lapho na?"

Bathi, "Abathathu."

124 Yathi, "Ngibona abane. Futhi Omunye ubukeka njengeNdodana kaNkulunkulu." Imi ngakufakazi waYo.

125 UNkulunkulu njalo uyoma ngakufakazi waKhe. Amen. Niyazi lelo yiqiniso. UNkulunkulu uzokwenza umehluko, futhi uzoma ngakulabo abafakaza ngaYe.

126 Ngesinye isikhathi kwakukhona umfo omncane ogama linguDavide. Waphuma, ukuyisa amagilebhesi omisiweyo kubafowabo, ngesinye isikhathi, lokho kwakusempini. Futhi uyise, uJese, wamthuma. USawule wayeyinkosi. AmaFilisti ayekolunye uhlangothi nama-Israyeli ngakolunye uhlangothi; isisele phakathi kwabo, nomfudlana wamanzi ugeleza.

127 Futhi njengoba udeveli ehlala enza, uma ecabanga ukuthi uyalawula, mfowethu, uyakuphusha ngempela.

128 Ngakho-ke wayenomfo omkhulu lapho, cishe amafidi ayisikhombisa noma amafidi ayisishiyagalombili ubude, mhlawumbe ngaphezudlwana, mhlawumbe amafidi ayishumi; amahlombe amakhulukazi njengomnyango wenqolobane; umkhonto omkhulu nezikhali. Futhi wema phandle lapho. Wathi, "Manje ngiyanitshela ukuthi masenzeni. Ngingufakazi ngapha, wamaFilisti. Masibe nofakazi osuka ngapho. Futhi amabutho mawangalwi, kodwa asiphume futhi silwe. Futhi uma ngimbulalala, khona-ke nonke nizosikhonza; uma engibulalala, khona-ke sizonikhonza."

129 Niyabona ukuthi udeveli ukwenza kanjani na? Lapho ecabanga ukuthi unokulawula, uyaqhosha, aziqhayise, futhi aqhubeke.

130 USawule, engamafidi ayisikhombisa, qobo lwakhe, wayesaba ukuyohlangabezana naye. Futhi amabutho akwa-Israyeli ehlulwa, emile emuva emagqumeni, ebuka ngaphesheya.

131 Emva kwesikhashana, nakhu kukhuphuka umfana omdadlana, ehamba ngalapho. Omncane, umfo omdala obukeka ebomvana; engemkhulu kakhulu; omncane, ozacile, umfo obukeka njengothi lokuphothela. Kodwa kwakukhona into ethize eyayishaya ngaphansi kwaleyojakhethi encane yesikhumba semvu, inqwaba yabo eyayingenakho. Wenyukela

lapho futhi wanika abafowabo amagilebhisi omisiwe futhi wayekhuluma nabo ngempi.

132 Emva kwesikhashana, lesisiqhwaga esikhulu siyaphuma futhi senza ukuqhosha kwaso, ngesikhathi nje esingafanele, sathi, "Ubani ozoza ngapha futhi alwe nathi na?"

133 Futhi uDavide wathi, "Ubani lomfo?" Wathi, "Niqonde ukungitshela, ukuthi nizomyeka lowomFilisti ongasokile ame phandle lapho futhi adelele amabutho kaNkulunkulu ophilayo na? Angeke yini sibe nomuntu othile ongama lapho futhi afakaze ngamandla kaNkulunkulu!" Bonke babesaba. Wathi, "Ngizohamba." Ngiyasithanda lesosibindi. "Ngizohamba. Angilwe naye."

134 Ngani, wenyuka. Bamenyusela kuSawule, noSawule wathi, "Awu, leyondoda iyiqhawe kusukela kokwayo . . . Ngani, ibiyiqhawe kusukela ebusheni bayo, futhi wena awulutho kodwa umuntu omusha."

135 "Bheka!" Haleluya! Ngikuthanda khona lapha. UDavide wathi, "Bheka, inceku yakho . . . " kuSawule. "INkosi ingivumela ngibulale ibhere, ngalendwayimane. Yangivumela ukuba ngikhiphe izinyane emlonyeni wengonyama futhi ngiyibulale. Ngayidumela ngobuhwanqa futhi ngabususa kuyo. Ngingufakazi." Haleluya! Wayekade endawana-thize. Wayekade ebone okuthize. Wayefake aMandla kaNkulunkulu ekuvivinyweni, futhi wayengufakazi.

136 Yilokho esikudingayo namuhla, esinye isibindi esengeziwe. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Wathi, "Ngingufakazi walokhu engikhuluma ngakho." Haleluya! Yilokho iBandla likaNkulunkulu ophilayo elikudingayo namuhla, ufakazi obesezindaweni, wabona okuthize, futhi uyazi ukuthi bakhuluma ngani.

137 Wathi, "Ngingufakazi waMandla kaNkulunkulu. Ibhere lakhuphuka ukuyobamba izinyane, futhi ngalibulala." Wathi, "Futhi ingonyama iyagijima futhi yahwaphuna elinye. Ngayibamba ngobuhwanqa futhi ngayibulala." Wathi, "Futhi uNkulunkulu owangisiza ukuba ngibulale ibhere nengonyama, ngeke yini Anikele ezandleni zami kakhulu lomFilisti ongasokile na?" Haleluya!

138 Ezinsukwini lapho bethi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule." Uma bethi, "Inkolo yakudala ngeke isaba khona; kwakuyinto ethize kamkhulu nogogo." Mfowethu, ngiyajabula, kulobubusuku, ukuthi kukhona abanye ofakazi bakaMoya oNgcwele oyimfashini endala, oluhlaza okwesibhakabhaka, inkolo ebulala isono, ebulala yona kanye imvelo namandla ka-Adamu kadeveli, futhi inhliziyo yakho ingahlanzwa. Haleluya! O! Ufakazi! Ngakho-ke, o, he!

Uthi, "Abantu banomsindo kakhulu."

139 Ngani, banokuthile abafanele babange umsindo ngakho. Impela. Lalelani, ngizofakazisa kini ukuthi inkolo yeBhayibheli ibihlala inomsindo. Yebo. UNkulunkulu watshela uJobe, wathi, "Wawukuphi ngenkathi . . ." UJobe wayecabanga ukuthi wayeyindoda enkulu. "Wawukuphi lapho Ngibeka isisekelo somhlaba na?"

140 Omunye, ngolunye usuku, wathi, "Mfowethu Billy, usashumayela lolohlobo olusha lwenkolo owawunalo na?"

141 Ngathi, "Qhabo, mnumzane. Ngishumayela inkolo endala kunayo yonke eyake yaba khona, futhi iyodwa kuphela ekhona ngempela, futhi enensindiso kuyo."

142 "Enye yalokho, lolohlobo olusha," wathi, "besingenakho lokho lapha eminyakeni embalwa edlule."

Ngathi, "Ake ngikutshele, mfowethu, Indala kunoma izwe linjalo."

143 Kunjalo. "Jobe," wathi, "wawukuphi lapho Ngibeka izisekelo zomhlaba, lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye namadodana kaNkulunkulu ajabula ngenhlokomo na?" Izigidi zeminyaka ngaphambi kokusekelwa komhlaba! Amen! Whewu! Kunjalo. Ufakazi! [UMfowethu Branham ushaya izandla kanye.]

144 Ngani, lapho u-Aroni, umpristi omkhulu, ngenkathi engena endaweni eNgcwelengcwele, ephethe igazi, babefanele bamgqokise ngendlela ethize, futhi wayefanele ahambe ngendlela ethize. Wayefanele abe ngufakazi kaNkulunkulu. Futhi wathatha igazi futhi waya phambili. Futhi emiphethweni yezingubo zakhe, ekugcineni, kwakukhona insimbi kwipomegranati; insimbi kwipomegranati. Futhi wayefanele ahambe ukuze lokho kudlale, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, kuyo iNkosi." Ukhuluma ngobungcwele! Futhi isizathu sokuba insimbi ikhala ngokushaya ipomegranati, kwakuyindlela kuphela abazi ngayo ukuthi uNkulunkulu wayengambulalanga. Indlela kuphela azi ngayo ukuthi uyaphila, ngenkathi wayesemuva lapho, babengalalela futhi bezwe insimbi, bezwe umsindo.

145 Mfowethu, ngiyakutshela, sidinga amapomegranati nezinsimbi kushayisana ndawonye, kulobubusuku, kanjalo, nomsindo wenjabulo eNkosini, njengofakazi. UNkulunkulu usaphila futhi uyabusa! Amen! Kunjalo! Hlobo luni lukafakazi na? Labo ofakazi njengokunombela phezulu kulelokamelo eliphezulu, phezulu lapho, futhi bathola umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Babenze ipomegranati nensimbi, kuhlangane ndawonye. Badiyazela njengabantu abadakiwe, ngaphansi kwamandla kaMoya oNgcwele. UNkulunkulu usenabo ofakazi, futhi bayinto efanayo. "Niyoba ofakazi baMi balaMandla, eJerusalema, eJudiya, naseSamariya, naseJeffersonville, e-Indiana." Amen! Haleluya! Qaphelani!

146 UDavide wathi, "Niqonde ukungitshela lowomFilisti ongasokile," kungenjalo, "ongakholwayo, leyondoda enga . . . "

147 Kuyini ukusoka na? Leyondoda phandle lapho inoMoya oNgcwele.

148 "Nawo wonke ama-D.D. ayo, ingama futhi idelele uNkulunkulu ophilayo na?" O, he! "Angakwenza kanjani na?" Wathi, "Akasokile."

149 Manje sisokwe ngoMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele ungukusoka kwethu. Futhi niqonde ukungitshela ukuthi nivumela labo Dokotela bobuNkulunkulu, nePh.D., neD.L.D., no-D abaphindwe kabili, bame phandle lapho futhi basitshele ukuthi "inkolo yakudala ayilungile"? Lapho, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele uyafakaza ukuthi Uqinisile. Uthi, "Abantu ngeke beze." Yebo, bazoza. Amen.

150 UJohane umBhaphathizi omdala, ngenkathi eqala ukushumayela, wayengumshumayeli omkhulu kunabo bonke bawo wonke unyaka. Wayeyindoda elula kakhulu. Waya ehlane eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala. Akayitholanga i-Ph.D. Kodwa wenzani na? Akazange aphume nalokhololo obhekiswe emva, noma—noma ukwazi *iHubo lukubonga,* noma *iSivumokholo sabaPhostoli.* Kodwa wayengufakazi kaNkulunkulu. Ngenkathi ephuma ehlane laseJudiya, washumayela iVangeli elinjalo, ezisonge ngesikhumba semvu esidala, ka*njena.*

O, he! Kodwa washukumisa zonke izifunda ezizungeze iJerusalema, neJudiya, nangaseJordani. Ngani na? Washumayela uKristu; hhayi odabeni lomlando, kodwa esehlakalweni samanje, iqiniso lesikhathi samanje. Haleluya!

151 Namuhla sishumayela umlando, emhlabeni wonke jikelele, nokuvuka kukaKristu. Kodwa kuthiwani ngawe njengomuntu ngamunye, enhliziyweni yakho, ngabe uvukile ekuPhileni okusha na? Ngabe impilo endala isifile na?

152 UDavide wathi, "Nizoyekela lowomFilisti ongasokile ame laphaya futhi asho izinto ezinjalo na? Ngani," wathi, "Ngizohamba ngilwe naye."

153 Ngakho-ke, into yokuqala niyazi, uSawule wathi, "Awu, uma uzimisele ukuhamba, ngizokunikeza izikhali zami—zami. Ngizokunika isihlangu sami, isigqoko sami sokuzivikela nenkemba yami." O, he!

154 Lalelani. Ngenkathi uDavide omncane ethola leyonto enkulu kakhulu . . . Cabanga nje, amahlombe amancane athi awabe ka*njalo*; nalawomahlombe kulesosihlangu, cishe ka*njalo*, aleso sivikelo sesifuba. Babesifakile, umfo omncane ompofu wayengakwazi ukuhamba.

155 Lalelani. Sithole ukuthi isihlangu sobufundisi ngeke simlingane umuntu kaNkulunkulu. Kunjalo. Yonke isayense

yakho yezenkolo ngeke iwanele aMandla kaNkulunkulu. Awudingi isayense yezenkolo. Awudingi imfundo. Okudingayo yinhliziyo ezinikele, eZwini likaNkulunkulu, ukuba ibe ngufakazi wangoqobo.

156 Bekungeke kuyilingane indoda kaNkulunkulu. Wathi, "Susa lento kimi. Angiyidingi i-Ph.D yakho." Amen! Wathi, "Ngingufakazi!" Wani na? Wathi, "Angikaze ngiluzame loluhlobo lwezinto. Angazi lutho ngesayense yakho yezenkolo. Mangihambe, ngendlela iNkosi eyangikhulula ngayo engonyameni nasebhereni."

157 Yingakho ngisho namhlanje, mfowethu. "Ungangivumeli ngihambe nenjulamqondo ethile, kodwa mangihambe ngombhaphathizo wemfashini endala kaMoya oNgcwele owangikhipha emlonyeni weBaptisti futhi wangikhulula. Mangihambe kanjalo."

158 "O," wathi, "Angeke ngihambe nakho konke lokhu engingikaze ngikuzame. Angazi lutho ngakho. Ngizokwazi kanjani ukuma futhi ngiphindaphinda zonke lezizivumokholo nakho konke okunjalo na? Angazi lutho ngakho." Wathi, "Susa into kimi."

159 Ngakho-ke bakususa. Wazizwa ekahle kakhulu. Wafinyelela emuva futhi wacosha indwayimane yakhe encane. Kwathi akagijime. Uyazi ukuthi uzizwa kanjani lapho uthola indwayimane yakho esandleni sakho. Wabuka laphaya.

Futhi uGoliyathi wathi, "Wena uzokwenzani ngayo na?"

160 UDavide wathi, "Ngiyeza." Amen. Wacosha indwayimane yakhe encane, wagijimela ezansi ngaphesheya komfudlana futhi wacosha amadwala amahlanu. Wafaka elinye lawo lapho, walishwila ezandleni zakhe.

161 Futhi uGoliyathi wathi, "Uqonde ukungitshela ukuthi lowomgingqiki ongcwele omncane, noma, niyazi, lowomfo omncane ongenamfu-. . .noma ngabe uyini, eza lapho ukuhlangabezana nami?" Wathi, "Mina, nazo zonke iziqu zami nakho konke, ngani, angikwazi ngisho nokuchitha isikhathi sami naye. Ekhuluma ngokuphilisa ngokukaNkulunkulu, ekhuluma ngaMandla kaNkulunkulu, ekhuluma ngensindiso; angikwazi ngisho nokuchitha isikhathi sami naye." Kodwa wayengufakazi walokho ayekhuluma ngakho.

162 Uma kwenzeka owesilisa noma owesifazane engufakazi walokho abakhuluma ngakho, ungakhathazeki, bazodingeka bachithe isikhathi, ngoba isikhathi sokubulala izingulube sizoba khona, mfowethu, amabhodi okukhudla azokhishwa. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Kulungile.

163 Wabeka lelodwala elidadlana phansi kuleyondwayimane. Nangu ehamba, enqamula igatsha nasenhla phezu kwegquma, egijima ukuhlangabeza lokhu.

164 "Ngani," wathi, "buka!" Wathi, "Uhlangana nami njengo. . ." Wathi, "Awu, wena, ngizokucosha ngesihloko somkhonto wami," mhlambe amafidi angamashumi amathathu noma angamashumi amane ubude. Wathi, "Ngizokucosha lapho futhi ngizonika izinyoni inyama yakho, ukuba zidle, namuhla."

165 Bukani uDavide, ufakazi manje. Wayazi ukuthi wayekhuluma ngani. Omelene naye wayebhekene naye. Impela, kwakubhekene naye. Kodwa wayazi ukuthi wayene. . . Wayengufakazi. Wayekwazi ayekhuluma ngakho.

166 Ngakho-ke wathi, "Uhlangana nami njengomFilisti, egameni lomFilisti, ngezikhali nangomkhonto. Kodwa ngizohlangana nawe eGameni leNkosi uNkulunkulu ka-Israyeli." Amen. Lowo umehluko. Yilokho okwenza umehluko. Futhi wathi "namuhla" wayezo "bulala."

Ngani, isiqhwaga samhleka, futhi sahamba ukuyombulala.

167 UDavide omncane uyaqala. Lapho esethi akajukujele indwayimane, wayene. . .Bukani, wayenamatshe amahlanu, u-J-e-s-u, esongwe ngeminwe emihlanu, i-n-k-o-l-o. Mfowethu, wathola into ukuba isebenze kahle, izungeza futhi ezungeza futhi ezungeza.

168 Futhi lapho uthola ukukholwa kuJesu Kristu, usebenza ekunyakazeni okungapheliyo emphefumulweni wakho, okuthize kuzokwenzeka. Isono nokugula kuzosuka kuwe; odeveli bayohlakazeka njengamaphela kwiphansi ngesikhathi sasehlobo, lapho ukukhanya kukhanyisiwe.

169 Nangu eza, i-n-k-o-l-o kuJesu. Nangu eza, "Ngihlangana nawe eGameni leNkosi uNkulunkulu ka-Israyeli," futhi waqala ukushwiba leyondwayimane izungeza, uMoya oNgcwele wadubula lelodwala lakhuphukela ngqo kulowomFilisti futhi lambulala. UDavide wathatha inkemba yakhe uqobo futhi wanquma ikhanda lakhe, waliphakamisela phezulu, wathi, "Wozani, bafana!" Wathi, "Nakhu. Nginitshelile ukuthi uNkulunkulu uzokwenza." Haleluya!

170 Wayengufakazi. Wayazi ukuthi wayekhuluma ngani. Wayekuzamile. Wayekufakazisile. Wayengazi lutho ngezikhali nomkhonto, kodwa wayekwazi ayenakho esandleni sakhe. UNkulunkulu wayekade enaye.

171 Angazi, asazi, ngayo yonke imibono yenu emikhulu nezinto ezinjalo. Kodwa siyazi ukuthi uMoya oNgcwele uyini, futhi siyazi ukuthi Usenzelani, ngakho-ke sifuna ukuba ufakazi. Manje ufanele uhambe uWothole, kuqala, ngaphambi kokuba ube ngufakazi.

172 Kwakukhona umfo, ngesinye isikhathi, ogama lingu-Eliya. UNkulunkulu wayenaye. Wayembonile uNkulunkulu, ezivivinyweni ezinkulu, wayembonile uNkulunkulu enza izinto.

Ngakho-ke wayesibonile isono siza phezu kwesizwe, ngakho-ke wathi, "Manje umzuzu nje."

173 Wenyukela lapho futhi wakhuleka, futhi uNkulunkulu umnika ufakazi. Wathi, "Manje yehla futhi utshele inkosi ukuthi ngeke ngisho namazolo awe ngaphandle uma mina . . . ngaphandle kokuthi uwabize."

174 Wehlela phansi futhi utshela inkosi lokho. Wakhuphukela lapho, futhi wahlala phansi. Yena . . . futhi lapho . . .

175 Futhi ubungathini na? Ngiyabezwa abanye babantu bethi, "Leyondoda endala ichachambile ekhanda layo. Niyabo? Ngani, uthi angeke kubekhona imvula aze ayibize."

176 Kodwa wayengufakazi kaNkulunkulu. (Niyabo?) Wayazi ukuthi wayekhuluma ngani. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayezokwenzani, ngoba uNkulunkulu uhlala eligcina iZwi laKhe. Futhi u-Eliya wayekwazi lokho. Ngakho-ke, wayazi ukuthi uNkulunkulu wayemtshelile ukuthi lalingeke line, ngakho-ke wahamba futhi wamtshela ukuthi lalingeke line.

177 Uma uNkulunkulu eshilo, uma ungawemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, khona-ke hamba uWuthole. Uma uNkulunkulu ethi ukuphulukiswa kungokwakho, khona-ke hamba ukuthole. Uma ungufakazi, qhubeka, fakaza ngaYe. UNkulunkulu wakwethembisa; Akakwazi ukuqamba amanga. Kungakhathaleki ukuthi bathini, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule," lokho, kudedele lokho nje kuhambe. YiZwi likaNkulunkulu esilithathayo, hhayi elomunye umuntu.

178 Ngiyabona, into yokuqala niyazi, nakhu kuza u-Eliya omdala, wenyukela lapho.

179 Futhi wathi, "Bukani lowo omdala ongahlakahlile ekhanda manje! Usenyukele phezulu, esiqongweni segquma lapho, futhi wahlala phansi ngakulowo mfudlana, iKeriti. Ukubona okubukeka kudabukisa kanje pho, leyondoda endala phezulu lapho; obude, ubuhwanqa obumpunga. Futhi cishe ineminyaka engamashumi ayisikhombisa ubudala, nenduku esandleni sayo. Uphiso oluncane lwamafutha; ngani, izobulawa yindlala, phezulu lapho."

180 Kodwa, emva kwesikhashana, isomiso siyafika, futhi siqale ukuqhubeka. Futhi niyazi, labobantu ezansi lapho, ababecabanga ukuthi wayesangene, kwenzeka baqaphele ukuthi phezulu lapho wayedla kathathu ngosuku, enesikhathi esimnandi. Yebo. Wayengcono kunenqwaba yabantu lapha kulobubusuku. Wayenabalindisango. Kunjalo. Abalindisango bayafika, amagwababa ayafika nsuku zonke, futhi amlethela amasemishi, amnika ukuba kube ukudla kwakhe kwasekuseni.

181 Omunye umfo washo, kungekudala, wathi, "Mshumayeli, usho ukuthi uyakukholwa lokho na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

Wathi, "Uqonde ukungitshela ukuthi uyakholwa ukuthi wadla na?"

Ngathi, "Yebo, wakwenza."

"Kanjani wena . . . Wayengayitholaphi inhlanzi na?"

Ngathi, "Angazi."

"Wasitholaphi isinkwa na?"

Ngathi, "Angazi."

Wathi, "Ucabanga ukuthi waya endaweni yokubhaka na?"

182 Ngathi, "Angeke ngikutshele. Kodwa, into kuphela engiyaziyo, amagwababa akuletha. Wakudla, wabonga ngakho, futhi wenza lokho uNkulunkulu ayemtshele ukuba akwenze."

183 Yindlela efanayo ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Wena uthi, "Yini eyenza labobantu bamemeze na?" Angazi. "Uqonde ukuthini na?" YiMana ivela kuNkulunkulu, ivela eZulwini. "Uqonde ukuthi ngempela uzwa okuthize na? Angikukholwa." Awu, awudingi. UMoya oNgcwele uyaYiletha. NgiyaYidla nje, futhi ngenelisekile, futhi ngimemeze futhi ngibe nesikhathi esimnandi. Izwe malihambe futhi likholwe elikufunayo. UMoya oNgcwele! "Kodwa ULitholaphi na? Ivelaphi iMana na? Iphumaphi noma yini emoyeni, ongayiboni na?" Angazi, kodwa Ifika lapha. Amen.

184 Ngabe ungufakazi waKho na? Usukunambithile, iNkosi ilungile na? Uyazi ukuthi ukhuluma ngani na? Lowo mbhaphathizo kaMoya oNgcwele uyiwo ngempela, kulobubusuku, njengoba injalo impilo yakho, aMandla kaNkulunkulu kuyo insindiso. Impela, Kuhle.

185 Uhlezi lapho futhi uyadla. Wathi eselungiselela ukuphuza, wavele weqela eceleni komfudlana futhi waphuza, kwaba yilokho-ke. Futhi babecabanga ukuthi wayehlanya. Qhabo. Wayengufakazi kaNkulunkulu. Kunjalo.

186 Futhi into yokuqala niyazi, ngenkathi umfudlana woma, Wathi, "Manje sengilungiselele umfelokazi ukuba akunakekele." He, indawo enje pho yomshumayeli ukuba aye kuyo, endlini yomfelokazi! Kodwa uNkulunkulu wathi, "Ngi—Ngikulungiselile." Ngakho-ke wehlela lapho. Wayezoba ngufakazi ezansi lapho. Ngakho-ke lo mfelokazi . . .

187 Ngakho-ke wehlela lapho, futhi wayehamba ehla ngomgwaqo. Ngokombono, wayefanele ukubona owesifazane egcekeni, ngiyacabanga. Wabona owesifazane egcekeni, wathi, "Nguye lowo, ngakho-ke ngizodlula nje."

188 Wathi, "Hamba, ungiphuzise amanzi amancane, ne—nengcosana yempuphu, noma—noma iqebelengwana," njalo, "esandleni sakho."

189 Wathi, "Kuphila kweNkosi, nomphefumulo wakho ungafi," wathi, "nginokudla okwanele emphongolweni, namafutha anele

ophisweni, ukwenza iqebelengwane elilodwa elincane. Futhi ngiphandle lapha ngibhaka . . . ukucakasha izinkuni ezimbili. Futhi," wathi, "futhi ngizokwenzela mina nendodana yami iqebelengwana. Futhi, kothi nje lapho sidla lokho, siyafa."

Wathi, "Hamba, ungithathele iqebelengwana kuqala." Amen.

190 "Funani kuqala uMbuso kaNkulunkulu." Sewake wakubona lokho ukuthi kuyiqiniso na? Beka uNkulunkulu kuqala. Khokha okwezishumi kwakho, kuqala. Khokha yonke into, kuqala. Khokhela uNkulunkulu. Khuleka kuqala, ekuseni. Khuleka, usuku lonke. Nika uNkulunkulu indawo yokuqala kukho konke. Uzoba ufakazi.

Ugijimela phakathi ngqo. Wayenezinkuni ezimbili.

191 Ngendlela endala yasempumalanga, babesebenzisa izinkuni ezimbili. Kwakuyizinkuni ezimbili, ziphambanisiwe, ka*njena*, nomlilo wawuphakathi nendawo. AmaNdiya asakusebenzisa, futhi akhwezela izingodo phezulu lapho zivutha. Leso kwakuyisiphambano, uKristu, lapho umlilo wawuphakathi nendawo.

192 Bathatha ingcosana yomnikelo wempuphu, babeka leyompuphu egayiwe, konke kugaywe ngokufanayo, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Wathela emafutheni, okwakunguMoya oNgcwele. Futhi waKuxuba ndawonye, uMoya oNgcwele noKristu; uzokwenza uhlobo oluthile leqebelengwana olumahhadlahhadla manje, mfowethu! Amen. O! [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ungacabangi ukuthi ngiyahlanya. Ngingowenkolo nje, kulobubusuku. Kulungile.

Qaphelani, "Ngenzele iqebelengwana elincane, kuqala."

193 Ngakho-ke wathatha umnikelo wempuphu, uKristu, wathela uMoya oNgcwele kuyo, futhi wakuxuba, wakubeka esiphambanweni wakupheka. O, mfowethu, ukhuluma ngeqebelengwane, kwakungelinye lawo lelo!

194 Uyaphuma, futhi waletha iqebelengwane elincane elimahhadlahhadla, neconsi lokugcina lamanzi ayenalo. Futhi umprofethi wema lapho, walidla, futhi waphuza amanzi. Wathi, "Manje buyela emuva futhi wenze elakho nelendodana yakho. Ngokuba, ISHO KANJE INKOSI, umphongolo awuyikuba ngongenalutho, kanjalo nophiso aluyikoma, kuze kufike usuku uNkulunkulu athumela ngalo imvula phezu komhlaba."

195 Ini? Ufakazi. Kunjalo. Lowo mfelokazi wayengufakazi ezweni.

196 Emva kokuba lowomprofethi omkhulu wayesethathiwe, no-Eliya ethathiwe; endaweni yakhe, u-Elisha wathatha indawo ka-Eliya.

197 O, ngingalubona loluhlobo lofakazi. Ngolunye usuku, waqala ukuhamba, futhi wabona u-Eliya. Futhi waphonsa ingubo yakhe phezu kwakhe, futhi wambusisa, futhi wahlaba inkabi futhi wenza umnikelo ngayo, ekhombisa ukuthi zonke izinto zezwe zazifile, emva kwakhe.

198 Leyo yindlela yokuza kuNkulunkulu. Bulala yonke into ngemuva kwakho. Shisa wonke amabhuloho. Ungabeki lelobhodlela phezulu ukuze uzolithola kusasa. Futhi ungabeki lena enye into phezulu ukuze uzoyithola kusasa. Isuse into; ishise iphele. Amen. Yiba ufakazi wangempela. Phuma, mfowethu, ungafake lutho ezinyaweni. Yileyo indlela. Ngiyaxolisa lezo zinkulumo, kodwa yileyondlela kuphela engikwaziyo ukukusho ngayo. Kulungile, ngakho-ke manje wena—wena . . . Izinto zizokwenzeka ngalapha. Kulungile. Qaphela.

199 Khona-ke waqala eGiligali, futhi wadlulela esikoleni sabaprofethi. Futhi ngifuna niqaphele, ngenkathi efika phezulu lapho esikoleni sabaprofethi, wathi, "INkosi ingiholela eJordani."

200 Izigaba ezintathu u-Elisha alandela ngazo u-Eliya. Futhi u-Eliya wayengumfanekiso kaKristu; u-Eliya. U-Elisha, uhlobo lweBandla. "Ngikhuphukela eGiligali," kuqala, ukulungisiswa ngokukholwa. Futhi khona-ke wathi, "Manje hlala lapha," eBandleni. U-Eliya, u-Elisha; ku-Eliya . . . Umprofethi omusha nomdala, umfanekiso kaKristu neBandla.

201 Wathi, "Kuphila komphefumulo wakho, angeke ngihlale lapha, kodwa ngizohamba nawe."

202 Futhi wakhuphukela eGiligali. Futhi ngenkathi ekhuphukela lapho, wathi, "Manje hlala lapha. INkosi ingibizela phezulu esikoleni sabaprofethi."

203 Ngakho-ke wathi, "Kuphila kweNkosi, nomphefumulo wakho awuyikufa, ngihamba nawe. Angeke ngikushiye."

204 Lelo yiBandla. Niyabo? Gcinani amehlo enu ekuJesu. Nomaphi lapho Eya khona, hamba. Uma Ephuma ebandleni leMethodisti, qhubeka naYe ngqo. Uyaphuma ebandleni lamaBaptisti, qhubeka naYe ngqo. Uyaphuma eTabernakele likaBranham, qhubeka naYe ngqo. "Angisoze ngakushiya! Akunandaba ukuthi umama usonta kuphi, ukuthi ubaba usonta kuphi, lapho *lokhu* kwenzeka khona, noma okunye; Ngizohamba naWe. Angisoze ngaKushiya!" Haleluya! "Ngingufakazi waKho. Angeke ngihambe; Uyingxenye yami."

205 "Woza, futhi ngizolandela." Futhi uya esikoleni sabaprofethi.

Futhi wathi, "Hlala lapha."

206 Futhi abanye babaprofethi bathi ku-Elisha, wathi, "Uyazi ukuthi inkosi yakho izothathwa kuwe na?"

207 Wathi, "Ngiyakwazi. Kodwa thulani." Amen. Ngiyakuthanda lokho. "Ngizohlala nayo ngqo, kungakhathaleki ukuthi abanye bathini."

208 Futhi u-Eliya waphenduka futhi wathi, "Manje lindani lapha, ngokuba uNkulunkulu ungithuma eJordani."

209 Izindawo ezintathu. Ukulungisiswa, iGiligali; ukungcweliswa, isikole somprofethi; nasembhaphathizweni kaMoya oNgcwele, eJordani, lapho iJordani imele ukufa. Qaphelani! UMartin Luther; uJohn Wesley; iPhentekoste, ezansi eJordani, isikhathi sokufa nya.

210 Ngakho-ke, u-Eliya, wahamba waqhubeka ngqo wehlela emfuleni, no-Elisha. Futhi lapho befika ezansi eJordani, ukufa, isigaba sokugcina sohambo; umprofethi omdala wafinyelela ngale futhi wakhumula ingubo yakhe, washaya amanzi, futhi amanzi ahlukana ngapha nanga, futhi ababili bawela, kwakusezweni elomileyo. Abashumayeli basukuma, base bebabuka bewela. Amen.

211 Lapho befika ngakolunye uhlangothi, manje, kamuva! O, ngethemba ukuthi lokhu kuzozika eTabernakele likaBranham, kuthi ngqu phansi emnkantsheni wethambo. Hhayi ngenkathi eseGiligali; hhayi ngenkathi esesikoleni somprofethi; kanjalo ngenkathi wayengakuloluhlangothi lweJordani; kodwa ngemva kokuba wayesewele iJordani, emlandela kusosonke isinyathelo sendlela.

212 Wena uyavuma; uthi, "Ngiyamemukela uJesu njengoMsindisi wami oqondene nami. Ngizoyiyeka imikhuba yami emibi." Kodwa yehlela eJordani, lapho ofanele ufele khona; lapho zonke izinto zezwe, bonke abangani bakho nayo yonke into, ikushiyile. Buka Yena yedwa.

213 Khona-ke ini na? Wathi, "Ngizohamba nawe, ngiqhubeke ngqo ngidabule iJordani." Amen. Ngiyakuthanda lokho. Ngani na? "Ngizoba ufakazi walokhu," futhi wadabula iJordani.

214 Qaphelani. Nakhu. Ngifuna nikuthole. Ngemva kokuba esewele iJordani, khona-ke wathi, "Ufuna ngikwenzeleni na?" Yilokho uKristu afuna ukukwazi ngebandla, kulobubusuku. "Emva kokuba usuhlukanisiwe nezinto zezwe, emva kokuba usuyisidalwa esisha kuKristu Jesu, emva kokuba usuzelwe ngokusha, ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, wawela iJordani, zonke izinto zezwe zifile, emva kwakho; manje cela engingakwenzela khona." Ngiyakuthanda lokhu.

215 Wathi, "Ukuthi okuphindwe kabili koMoya wakho kwehlele phezu kwami". Lowo mshumayeli wayazi ukuthi wayekhuluma ngani. "Okuphindwe kabili, ngoba ngifuna ukufakaza lokho kakhulu kakhulu."

216 Wathi, "Ucele into enzima. Kodwa uma uzongibona lapho ngimuka, kuyakuba njalo. Okucelile uzakuba nakho."

Manje, mfowethu, ukhuluma ngomshumayeli ebuka omunye; wayembuka ngempela!

217 Yilokho iBandla ebelifanele likwenze kulobubusuku, okokuphindwe kabili koMoya, ukubuka uKristu, ukubuka uMoya oNgcwele, indlela Ohamba ngayo. Qaphelani.

218 Wathi, "Ucele into enzima." Kodwa wayengeke abuke ngeso elilodwa emhlabeni neso elilodwa ku-Eliya. Wayefanele abeke amehlo omabili ngqo ku-Eliya, futhi amlandele.

219 Inkathazo yakho iwukuthi, kulobubusuku, sinabantu abaningi abangamaKristu, amaKristu azishoyo, aneso elilodwa emhlabeni nelinye esiphambanweni. Uzowa, ngokuqinisekile njengezwe. Amehlo akho malibe linye, inhliziyo yakho mayibe yinye, imicabango yakho mayibe yinye. Amen. Mfowethu, lokho kuyakuhlikihla kungene, kodwa lokho kubuhlungu, kodwa kuhle.

220 Thina, njengezinganyana ezincane, sasivame ukuphuza ukhasta oyela, ngaso sonke isikhathi. Umama, emuva lapho, wayevame ukunginika ukhasta oyela, futhi ngangibamba ikhala lami futhi ngivale umlomo. Wayethi, "S'thandwa, uma khona . . ."

ngangithi, "Leyonto iyangigulisa kakhulu!"

221 Wayethi, "Uma ingakugulisi, ayikusizi ngalutho."

222 Ngakho-ke, mhlawumbe, nakho-ke. Mhlawumbe, iVangeli, Lingasetshenziswa ngendlela efanayo na? Uma Lingakushukumisi wonke, aLikusizi ngalutho.

223 Gcina amehlo akho ekuKristu. Qhubeka uye phambili. Ungakhathazeki ukuthi izwe lithini. Qhubeka uye phambili. "Labo abangamadodana kaNkulunkulu baholwa nguMoya kaNkulunkulu." Ngabe kunjalo na? "Ngakho-ke manje akusekho ukulahlwa kwabakuKristu uJesu, abangahambi ngokwenyama, noma izinto zezwe, kodwa ngoMoya." Akukho ukulahlwa; ukuhamba uqhubeke. Manje qaphelani.

224 Futhi ngenkathi eseyiswe phezulu, emva kwesikhashana inqola yoMlilo iyehla, yaphakamisa u-Eliya, futhi wanyathela kuyo. Futhi lapho enyuka, wakhumula ingubo yakhe, ka*njena,* wase eyijikijela emuva, futhi yaqathakela emhlabathini, ngenkathi amahhashi ka . . . futhi inqola yoMlilo yamthwala yamsusa.

225 O, ngifuna nithole lokhu manje. Umfanekiso omuhle kanjena pho! U-Elisha, umprofethi osemusha ngaleyonkathi, lowo owayengufakazi wakhe, wawo wonke amandla ayewenzile. Zonke izinto u-Eliya ayezenzile, u-Elisha wayengufakazi wakhe. Khona-ke wacosha ingubo efanayo, wayijikijela emahlombe akhe uqobo, waqala ukuhamba ehlela ezansi ngaseJordani; ophelele, umfanekiso omuhle. Wahamba wehlela eJordani, wakhumula ingubo, wayibamba ngezandla zakhe, futhi washaya

amanzi. Wathi, "Uphi uNkulunkulu ka-Eliya na?" Futhi amanzi ahlukana phakathi, esuka kolunye uhlangothi eya kolunye. Umfanekiso weBandla elilandela uJesu, libona amandla aKhe, libona izimangaliso zaKhe.

226 Futhi Yena, ngolunye usuku, wabuzwa. Abanye bathi, makuthi . . . Omunye wesifazane wathi, "Indodana yami mayihlale ngakwesokunene, enye ngakwesokhohlo."

Wathi, "Ningasiphuza isitsha eNgisiphuzayo na?"

Bathi, "Yebo."

"Ningabhaphathizwa ngombhaphathizo eNgibhaphathiza ngawo na?"

Bathi, "Yebo."

227 Wathi, "Qiniso, ningakwenza; kodwa isandla sokunene nesokhohlo, akusikho okwaMi . . . " Ngamanye amazwi, "Umbhaphathizo ofanayo eNginawo, nizoba nawo, nani."

228 Futhi ngenkathi iBandla liMbhekile, ngenkathi Eya ePhentekoste . . . Waya ekamelweni eliphezulu futhi Wadla isidlo sakusihlwa. Waphuma waya eKalvari, wabethelwa. Kwase kuthi-ke ngenkathi iBandla, elibizelwe ngaphandle, liMbhekile, lapho Eqhubeka ekwenyukeni kwaKhe, ekhuphuka. Wathi, "Manje Ngizonithumela kuzo zonke izingxenye zezwe, ukuze nibe ngufakazi kiMi. Kodwa ngaphambi kokuba nihambe, lindani ngaleya emzini waseJerusalema; ngoba, lengubo efanayo kaMoya oNgcwele ephezu kwaMi, izokwehlela phezu kwenu. NgizoYibuyisela emuva."

229 Futhi benyukela emzini waseJerusalema, haleluya, futhi lapho babhaphathizwa ngoMoya oNgcwele ofanayo owawuphezu kukaJesu Kristu. Haleluya! "Khona-ke ningofakazi baMi, njengoJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade."

230 Futhi uMoya oNgcwele ofanayo wawuphezu komprofethi u-Elisha, u-Eliya, wawuphezu kuka-Elisha ngokuphindwe kabili. Futhi thina, kulobubusuku, njengebandla likaNkulunkulu, mfowethu, dadewethu, ozisho ukuthi wanga amaphethelo endebe ebusisiweyo yesibusiso saKhe, nombhaphathizo kaMoya oNgcwele wehlela phezu kwethu futhi usemboza, usibhaphathizela kuMoya waKhe, futhi siphuma njengofakazi waKhe. Singathula kanjani osukwini olunjengalolu, lapho inkohlakalo nezinto zikhona nhlangothi zonke! Asisukume futhi sifakaze ngeQiniso. Amen. Kuyamangalisa! O, he!

231 Ngifanele ngiyeke. Ngizwa sengathi ngingaqala khona manje futhi ngishumayele, ngiyakholwa. Ngi—ngithola ukuzizwa kahle nje.

232 Ingubo, okuphindwe kabili! UJesu wathi, "Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza, nezinkulu," okuningi kwakho, okuphindwe kabili. "Ningofakazi baMi emva kokumukela

okuphindwe kabili.” MasiMbheke. Masigcine amehlo ekuYe. Ingubo iphansi. Ingubo ilapha, kulobubusuku. LowoMoya oNgcwele ofanayo owawuphezu kukaJesu Kristu ukulelibandla, kulobubusuku, ukwembathisa noma yiliphi ikholwa eliphakathi lapha, ngaMandla avela Phezulu. Khona-ke niyakuba ngofakazi baKhe, eJerusalema, eJudiya, eSamariya, eNingizimu Afrika, e-Eshiya, nomaphi lapho uya khona. “Onguye izolo, namuhla, naphakade.”

“Lindani nina!” Akumangalisi uFiliphu wayengehla futhi ashumayele!

233 Akumangalisi, ngenkathi bekhanda ngamatshe umfo omncane, uStefanu, futhi wabheka phezulu eZulwini; amagababde emshaya ezinhlangothini zombili zekhanda, ephihlizela phansi ubuchopho bakhe obuncane. Wabheka phezulu futhi wathi, “Bheka, ngibona amazulu evulekile, noJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu.” Wayengufakazi.

234 Akumangalisi, uPawulu, uSawulu endleleni yakhe ezansi lapho, amehlo akhe aphuphuthekiswa ngenkathi ukuKhanya kuwela phambi kwakhe. Futhi wathi, “Ngubani, Nkosi, engi—engimhluphayo na?”

235 Wathi, “UJesu.” Futhi Wathi, “Yehlela emgwaqeni othiwa oQondile.”

236 Futhi Wayenomshumayeli ezansi lapho, owayebona imibono, ngakho-ke yena. . . ogama lingu-Ananiya. Futhi u-Ananiya wabona umbono kaPawulu. Wangena futhi wambeka izandla, futhi wathi, “Mfowethu Sawule, iNkosi uJesu Eyahlangana nawe endleleni, ingithumile ukuba ngibeke izandla zami phezu kwakho, ukuze wemukele ukubona kwakho futhi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ngokuba Ungikhombisile ukuthi ufanele ube ngufakazi omkhulu kuYe.”

237 Ufakazi! Okokuqala, ini? “Mukela ukubona kwakho, futhi wemukele uMoya oNgcwele.” Kwawa inkwethu emehlweni akhe. Wavuka futhi wehlela eMfuleni iDamaseku, wabhaphathizwa. Ngiyacabanga babanesikhathi ezansi lapho! Anicabangi na?

238 Kwakukhona uSawulu endleleni, ehla, nemiyalo ephakatheni lakhe, “Ukuyobopha sonke leso sigejane sabaginqiki abangcwele,” kunjalo, “ephefumula ukusongela.” UNkulunkulu wamwisa ehhashini lakhe eliphakeme. Wamenza ufakazi walokho labobantu ababenakho. O, he!

239 Angazi noma abantu, kulobubusuku, abaligibelanga lelihhashi eliphakeme elifanayo, kulobubusuku, bafanele bawiswe, futhi babe ngofakazi.

240 Ngike ngabona ekuseni, lapho amazolo ewa evela emazulwini. Futhi kubukeni lapho ilanga liphuma, lelo zolo elincane, libukeni ukuthi licwebezela kanjani njengenkanyezi nje encane. Kuyini na? Ubufakazi. Liyazi, masinyane nje lapho

lelolanga liphuma endaweni ethile, *kanje*, uma liphumela endaweni ethile, liyakhuphuka futhi. Lowo mswakamo uzokhuphukela phezulu ngqo. Ngani na? Uke waba phezulu lapho kanye, futhi uvele wawa nje. Uyakhuphuka futhi. Ungufakazi walokhu kukhanya kwelanga, ukuba uwudonsele phezulu. Ubukade undawana-thize. Uyazi ukuthi kumayelana nani.

241 Futhi wonke owesilisa noma owesifazane ozelwe ngoMoya kaNkulunkulu ungufakazi wokuvuka kukaJesu Kristu. UNkulunkulu ubadinga kanjani abanye ofakazi kulobubusuku! "Hambani niye ezweni lonke futhi nifakaze ngaMi, kuso sonke isizukulwane, kubo bonke abantu. Ngizoba nabi njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe." Kwangathi uMoya oNgcwele angacwilisa lawamazwi ambalwa ekujuleni komphefumulo wenu. "Niyakwamukeliswa aMandla emva kwalokhu, uMoya oNgcwele, esefikile phezu kwenu, futhi khona-ke niyakuba ngufakazi waMi, eJerusalema, eJudiya, nasemikhawulweni yomhlaba."

242 Sisakhothamisa amakhanda ethu; dadewethu, ungeza kwi-ogani na? Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, yonke indawo, ngomkhuleko. Wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba njengoba ungaba njalo manje. Yiba semkhulekweni ngenkathi kusenziwa ukubizela e-altare. UMoya oNgcwele ulapha ubusuku ngabunye, unikeza ukugcotshwa kobuNkulunkulu, ubufakazi bokuvuka kukaJesu Kristu.

243 Ngiyazibuza, kulobubusuku, uma ulapha futhi ungathanda ukuba ngufakazi waMandla eNkosi avusiwe na? Awukaze uhlale uze wembathiswe aMandla na? Ungathanda yini ukukhunjulwa ezwini lomkhuleko na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Izandla ziphakeme, yonke indawo, phezu kwesakhiwo. O, he! Lokho kuyamangalisa.

244 "Babusisiwe abalamba bome, ngenxa yokulunga, ngokuba bayakusuthiswa."

245 Ngabe ukhona esakhiweni, kulobubusuku, ongakaze amemukele uKristu njengoMsindisi oqondene naye, obengathi, "Mfowethu Branham, ngesandla sami esiphakamisiweyo... I-altare ligcwele linqwabelene abantu lapha manje, kodwa ngizophakamisa isandla sami, ngithi, ngikhulekeleni. Ngiyisoni. Futhi mina—mina lapha ngifuna manje ukuvumela uNkulunkulu abone isandla sami, ukuthi ngifuna ukuMemukela njengoMsindisi wami?" UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. Ukhona omunye ngakwesokudla sami na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise phezulu lapho. Lokho kuhle. Abanye,

nangu omunye khona lapha. UNkulunkulu akubusise. Kuyamangalisa nje lokho.

246 "Ngifuna ukuba ngufakazi waKhe"? Omunye ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele. Ngifuna ukukhunjulwa ezwini lomkhuleko"? UNkulunkulu akubusise. Ngiyakubona, nenekazi lapho uphakamise isandla sakho, nawe. Ngiyakubona, nsizwa laphaya ekugcineni. Ngiyakubona uphakamise isandla sakho.

247 Izandla ziyaphakama, yonke indawo kulezizethameli ezincane kulobubusuku, ukuvalwa kwemvuselelo. Sazi kanjani. . .Nanti elinye inenekazi eliphakamise izandla zalo. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Wazi kanjani ngaphandle kokuthi lokhu kuzoba okokugcina imvuselelo iTabernakele likaBranham eliyoke libe nayo na?

248 Ngimile, namhlanje, lapho phezu kwesibandayo, isimo esineqhwa sentombi eminyakeni yayo engamashumi amabili. Ngiyikhiphe ngayisa ethuneni futhi ngayingcwaba. Abafana bayo abancane bebehlezi lapho ngakuyise. Abafo abancane bakhuphukele ebhokisini lomgcwabo. Ubaba uthe, "Wozani, tshelani umama, 'Hamba kahle.'" Bakhuphukele lapho base bevayizela ngezandla ezincane kowabo ofileyo, umama ofile elele lapho, "Hamba kahle, mama." Amehlo abo amancane ansundu embozwe yizinyembezi, futhi bafihla ubuso babo obuncane ezandleni zabo.

249 O, bekungeke yini kube ngokudabukisayo uma lowomama ubehambe unomphela na? Kodwa, ngomusa kaNkulunkulu waphenduka lapha eTabernakele. Ngalobobusuku enza ngabo lesosinqumo, futhi waya phambili, yileyonto kuphela esemqoka manje. Ngeviki eledlule ubegijima ezungeza, edolobheni lapha, ephilile futhi enamandla, ehlose ukuza emhlanganweni; ugulile, futhi wafa, ngesikhashana nje.

250 Abangane bami ababili, bobabili basebenzela iNkampani yesemiSebenzi yoMphakathi, bashayekile izolo engozini, balele lapha esibhedlela, befa khona manje, intombazane injalo. Ngasebenza nayo, iminyaka eyishumi nesikhombisa; inhliziyo yashaya yathi ngqu kolunye uhlangothi lwayo. Omunye wabasebenzi besiteshi esincane olele lapho, ushomi wami; Ngahlala ogodweni, emahlathini, kaningi ngosuku, futhi ngakhuluma naye ngeNkosi uJesu. Ngifuna ukumbona kancanyana manje, ngikhulume naye futhi, ngaphambi nje kokuphuma ekuphileni. Ngibone uma iNkosi izositshela noma yini ngaye.

251 Ngiyamangala, labo aba—abaphakamise izandla zabo, ngokuba yizoni, futhi bebefuna ukukhunjulwa ezwini lomkhuleko. Nimamukele uKristu; Angazi uma nikholwa manje ukuthi nemukela uJesu Kristu na? Yibani semkhulekweni, yonke indawo, onke amakhanda ekhotheme. Uma wemukela

uJesu Kristu njengoMsindisi wakho oqondene nawe, futhi ukholwa ukuthi Ukusindisile esonweni, futhi njengamanje ungasukuma ume ngezinyawo zakho, njengofakazi. Noma yimuphi umuntu ophakamisa isandla sakhe, akathi, "Nkosi, ngiyazi Wangethembisa ukuthi 'Okholwayo akayikulahlwa.' Manje ngiyakholwa futhi ngiyaKwemukela njengoMsindisi wami."

252 Ungama na? Sicindezelwe kancane isikhathi nangendawo lapha. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise. Yiba ulokhu umile nje. Uma uthanda, yima. Ngabe omunye uzoma na?

Omunye umuntu angama njengamanje na? Yiba ulokhu umile nje, uma uthanda. Nonke namakhanda enu ekhotheme manje. Yonke indawo esakhiweni, yibani semkhulekweni.

253 Nkosi, siza manje. O Nkulunkulu, thethelela izoni. Wena wathi, "Oza kiMi, aNgisoze ngamlahlela ngaphandle," laba abamile manje.

254 UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Yiba ulokhu umile nje. Omunye na? Abanye benu abaphakamise isandla senu, uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, isoni, futhi ungisindise ngenxa kaKristu." Uzokwenza khona lapho, khona lapho. UFiliphu washo . . .

"Nanka amanzi. Yini esivimbela ukuba sibhaphathizwe na?" UFiliphu wathi, "Uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, ungakwenza."

255 Ungathanda ukuMamukela njengamanje njengoMsindisi wakho oqondene nawe na? Futhi uma uzosukuma futhi ufakaze ngaYe phambi kwabantu, Uyofakaza ngawe phambi kukaYise neziNgelosi ezingcwele. Ukubhekile. Uyafuna ukuba ufakazi na? Yima ngezinyawo zakho, khona-ke, uma uyisoni. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Omunye lapho, indoda nonkosikazi, nyelele . . . begaxene ngezingalo, bemukela uKristu manje njengoMsindisi oqondene nabo. Omunye na? Ungama ngezinyawo zakho, masinya manje, ngenkathi uMoya oNgcwele usasebenza lapha esakhiweni. Uthi, "Ngifuna manje ukwemukela uKristu njengoMsindisi wami. Ngifuna ningikhulekele."

256 Yilokho engizokwenza, njengoba bemile, izinyembezi zigingqika ezihlathini zabo, esakhiweni. Uzoma na? Bukani, wonke umuntu ehloniphe ngokuzithoba, akekho ozulazulayo. Uma uthanda yiba semkhulekweni.

257 Lalela, uMoya oNgcwele manje usebenzana nabantu. Yini ekwenze waphakamisa isandla sakho na? Ubungeke uphakamise isandla sakho ngaphandle uma uNkulunkulu ekwenze wenze lokho. UJesu wathi, "Akakho ongeza kiMi, uma uBaba engamdonsi."

258 Ukube ubuwazi nje, mngani oyisoni, ukuthi abantu engikhulume nabo, abathi, "Angikholelwa kuNkulunkulu. Anginasikhathi saKho. Ngake ngaKuzama. Mina . . . Akukho . . . Angizange ngisho ngiKufise."

259 Futhi uNkulunkulu ukunikile isifiso, kulobubusuku. Yiba ngumKristu. UngaMxoshi.

260 Umshayi-piyano, umshayi we-ogani, *NingaMxoshi*, uma uthanda. Kulungile, ngenkathi usenza isinqumo sakho.

> NingaMxoshi, ningaMxoshi,
> Usebuyele enhliziyweni yakho futhi,
> Nakuba uye waduka; (Kwangathi, Nkosi, impela, yena . . . ? . . . )
> . . . ngaloloSuku lwaPhakade!
> Ungamxoshi uMsindisi enhliziyweni yakho,
> UngaMxoshi.

261 O, uzoMdinga kanjani, ukuba uthi, "Wenze kahle." Ungeke ume manje futhi uthi, "Ngiyamamukela uKristu"?

262 Kuthiwani ngakho, dadewethu, uyakholwa ukuthi Uyakuthethelela isono sakho, umi lapho na?

Wonke umuntu namakhanda enu ekhotheme. Sizovala emzuzwini.

263 Mamukele manje, uJesu Kristu engqongqotha enhliziyweni yakho. Ngeke ume futhi uthi, "Manje ngemukela uKristu njengoMsindisi oqonde nami"? Angeke ulimele izwi lomkhuleko na? Kuthiwani ngakho, mfo osemncane laphaya na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kuthiwani ngawe emuva lapho ngemuva, ophakamise isandla sakho, nenekazi eliselincane na? Ungephakame manje na?

> . . . dinga Yena ukuthi amele udaba lwakho
> NgaloloSuku lwaPhakade!
> UngaMxoshi uMsindisi enhliziyweni yakho;
> UngaMxoshi.

264 Sisacula lelokhorasi futhi. Angazi, uma labo abamile, bebengahamba behlele lapha, ake nginixhawule futhi ngikhuleke nani, khona phansi lapha e-altare. Ningeza na? Ngeke nize nonke na? Kuthiwani ngawe ophakamise isandla sakho emuva lapho, ubungeke uze lapha na? Yehlela lapha nje. UNkulunkulu akubusise, myeni nonkosikazi, yehlelani lapha umzuzu nje. Yenyukelani lapha. Ngifuna ukunixhawula, mfowethu, nawe, dadewethu.

> . . . buyela enhliziyweni yakho . . .

Woza naye, mfowethu.

> Nakuba usuhambile;
> O, uzoMdinga kanjani ukuthi amele udaba lwakho
> Kulokho . . .

Ungeze na?

UngaMxoshi uMsindisi enhliziyweni yakho,
UngaMxoshi.

265 Manje, mngane, cabanga ngakho. Ngaphambi kokusa, umphefumulo wakho ungahle uxetshulwe emzimbeni wakho, njengezinyo likhishiwe, ngaphandle udabule emkhathini ngaleya, ePhakadeni elingapheli, uzohamba. Ngalolo olukhulu, uSuku lweNkosi olwesabekayo, ubani oyomela udaba lwakho khona-ke na? Ungeze na? Okuncane kunakho konke ongakwenza ngalolusuku lovuko, ukuza, uthi, "Nkosi Jesu, ngiyaKukholwa." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

266 . . . shumayela, futhi uzwe lawa amanye amadoda eshumayela. UNkulunkulu ulapha, ekuqinisekiseni, ethi, "Ngibeka uphawu lwaMi lokugunyaza kuLo, ukuthi LiyiQiniso." IVangeli laKhe. Uyakholwa manje, ngayo yonke inhliziyo yakho.

267 Ngiyazibuza, ngenkathi sisenza ukubiza, uma ekhona umhlubuki phakathi lapha, ongathi, "Mfowethu Branham, ngikhumbule, khona manje. Ngikhumbule. Ngiphakamisa isandla sami. Ngikhumbule emkhulekweni"? Bukani, ngolunye lwalezizinsuku, nizodlula, nibhekane noJesu Kristu.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org